# OKUNGAPHAKATHI



**JUNE 16**
UNdunankulu u-Willies Mchunu uphonsele intsha inselelo ukuthi ibe yisixazululo ezinkingeni ekhungethe isiFundazwe






## UNDUNANKULU UPHONSELE INTSHA INSELELO UKUTHI IBE YISIXAZULULO EZINKINGENI EKHUNGETHE ISIFUNDAZWE

**IKHASI 3**

UNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa u-Willies Mchunu uphonsele intsha ebigcwele enkundleni yezemidlalo eMajula inselelo ukuthi izithathe njengengxenye yezixazululo zezinkinga ezibhekene nesiFundazwe.

## UNDUNANKULU UTHEMBISE ISILO UKUTHI NJENGOHULUMENI BAPHEZU KWEMIZAMO YOKUQEDA IMIBHIKISHO

**IKHASI 5**

UNdunankulu wesiFundazwe umhlonishwa uWillies Mchunu unikeze iSilo isiqiniseko sokuthi njengoHulumeni baphezu kwemizamo yokubuyisa ukuthula njengoba kuke kwaba nezigameko zodlame nokufa kwabantu kuso lesisiFundazwe.

## UCHUNGECHUNGE LWESIHLONTI EZULULAND LUBE YIMPUMELELO

**IKHASI 8**

UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwana, uvakashele isiFunda saseZululand ngaphansi kohlelo lochungechunge lwesihlonti lokubungaza iminyaka elishumi nesithupha yohulumeni basekhaya obeluzungeza sonke isiFunda saseZululand.

## UMNUNZANE UMXOLISI KAUNDA UNGUMPHATHISWA OMUSHA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA KANYE NOKUXHUMANA NOMPHAKATHI

**IKHASI 10**

UNdunankulu waKwaZulu Natal, uMnu Willies Mchunu udlulisele ngokusemthethweni izintambo kuNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda ongene ezicathulweni zakhe, nosekungumsebenzi wakhe ukuhola iminyango wezokuThutha nowokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

## KWAMUKELWE YIZO ZONKE IZINHLAKA ZOMPHAKATHI UKUQOKWA KUKANGQONGQOSHE WEZOLIMO U-THEMBA MTHEMBU

**IKHASI 12**

Ukuqokwa kuka Themba Mthembu njengongqongqoshe weZolimo nokuThuthukiswa kweZindawo Zasemakhaya kwamukelwe ngenkulu injabulo yizo zonke izinhlaka zomphakathi okubalwa kuzo umkhakha weZolimo, abasebenzi basemapulazini kanye nakubasebenzi bomnyango weZolimo esiFundazweni.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**


Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:** Adv. Simo Chamane
**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza
**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza

**Abezithombe:**
Zandile Shange


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU UNXUSE AMAQEMBU EZEPOLITIKI UKUTHI ADAMBISE IZINKULUMO EZINOHLEVANE NGENKATHI KUSAYINDWA ISIVUMELWANE SOKHETHO

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uWillies Mchunu unxuse onke amaqembu ezepolitiki ukuthi adambise izinkulumo ezinohlevane.

Lokhu ukusho ngenkathi ephawula ngesimo sesiFundazwe ngenkathi kusayindwa isibophezelo nawo wonke amaqembu ezombusazwe eThekwini.

UNdunankulu ubekhuluma abuye ajeqeze emumva ngenkathi lesisiFundazwe sisengundabuzekwayo uma kukhulunywa ngodlame kulelizwe.

UNdunankulu uthe abantu bayalalela futhi bahloniphe uma kukhuluma abaholi, yingakho kubalulekile ukuthi kube yibo abaholi abahamba phambili ukukhombisa ngezenzo ukuba semqoka kokubekezelelana.

UNdabezitha ubalule ubumqoka bendima eyadlalwa abezenkolo ngenkathi kunodlame ngaphambi kuka 1994, wathi kungakuhle uma bonke abaholi bengasika iphethini efanayo kwezoxolo ukuze isifundazwe sibe nokhetho olunoxolo futhi olukhululekile.

"Iqhaza elibanjwe abaholi bamaqembu ezepolitiki ngeke liqhathaniswe nalutho uma kuxoxwa ngezoxolo" kusho uNdunankulu. Uthe abaholi bamaqembu yibo abakwazi kahle kamhlophe ukuthi uxolo lubaluleke kanjani. Uthe nakuba bona njengabaholi abanemibono engafani kwezepolitiki, kodwa kubalulekile ukuthi kube yibo abahamba phambili ekuletheni ukuthula. Ube esenxusa nakumalunga ephalamende ukuthi nawo akhombise ngokwenza uma exoxisana ephalamende ukuze kwehliswe imimoya kubantu.

Uthe ukuhlalisana ngoxolo kumele wonke umuntu akukhuthaze. Uthe imibono yodlame nokucekelwa phansi kwempahla uma kunemibhikisho kuletha ihlazo nokuphoxeka kuso sonke isifundazwe.

Uthe ngisho nalaba abasuke besekela imibono nezimfuno zalaba abasuke bebhikisha, bayaphoxeka bezwe ubuhlungu ukubona kucekelwa phansi impahla. Uqhube wathi " sonke kuneqhaza okumele silibambe ukuze siqede izimo zodlambedlu"

Ebhekise kubaholi kanye babaholi bakaKhongolose uthe bonke abaholi banomsebenzi onzima obahlalele, ukwenza isiqiniseko sokuthi udlame luyaqedwa. Uthe izimo lapho kunokubhekana ngeziqu zamehlo ngoba abantu benganelisekile ngokuthize, kumele abaholi babhekane nakho ngaphandle kokuchitha isikhathi. Uthe kufanele bona njengabaholi bakhombise nakubantu ababamele ukuthi bazimisele ukusebenzisana ukuze kugcineke ukuthula. Uthe ukuthula kuyisiqalo nesiphetho sokhetho olungenazihibe. "Lokhu kumele kukhonjiswe yithi uqobo ukuze abalandeli bamaqembu ethu bathole isifundo kithi" kusho uNdunankulu.

Esephetha inkulumo, yakhe, uthe noma ngubani ophazamisa ukuthula noma ophazamisa ukusebenza kwenhlangano emele ukhetho, ephula omunye walemithetho esiyisayinda namhlanje, kuzomele azi ukuthi uzoyikhotha imbenge yomile.



# UNdunankulu u-Willies Mchunu uphonsele intsha inselelo ukuthi ibe yisixazululo ezinkingeni ekhungethe isiFundazwe

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa u-Willies Mchunu uphonsele intsha ebigcwele enkundleni yezemidlalo eMajula inselelo ukuthi izithathe njengengxenye yezixazululo zezinkinga ezibhekene nesiFundazwe. Uthe kuningi kakhulu okuhle nokukhuthazayo intsha yanamuhla engakufunda ize ikusebenzise emzabalazweni wentsha yango 1976. Uthe nakuba izinselelo zingasafani kodwa isibindi nokuzimisela kwentsha yango 1976 kunika ithemba elisha, kanti yikho okwaletha umfutho othathe lelizwe ezikhathini zobandlululo wasiletha kulesisikhathi sentando yeningi.

UNdunankulu ubekhuluma kanje emcimbini kaHulumeni wokugubha iminyaka engu 40 selokhu intsha yaseSoweto yabhekana namaphoyisa obandlululo inqaba ukufundiswa ngesibhunu.

UNdunankulu ubehamba neKhabhinethi yakhe yonke, kanti bekukhona nezikhulu zoMasipala, abaholi beNdabuko, amalunga ePhalamende kanye izikhulu zikaHulumeni. Lomgubho uqale ngokuthi umholi wamabhizinisi kaHulumeni umhlonishwa uSihle Zikalala onguNgqongqoshe WeZokuthuthukiswa koMnotho, eZemvelo kanye NokuVakasha azise intsha ukuthi yini obekumele iyilindele kulolusuku olubalulekile. UZikalala uthe umbhidlango wango 1976 kwakungo kulwela ukulingana kanye nobulungiswa.

Uthe yingakho emva kodlame olwaqalwa amaphoyisa obandlululo, iningi lentsha lalishiya leli layoqeqeshelwa ukubuya lizokhulula lelizwe.

Eqala inkulumo yakhe uNdunankulu uMchunu uthe lelusuku lubalulekile emlandweni wezwe nomhlaba ngakhoke lufanele ukuhlonishwa. Uthe nakuba sekudlule iminyaka eminingi kodwa ukubaluleka kwalomgubho kusafana.

OkaMacingwane uthe ziningi izinto okumele intsha izifunde ukuze ikwazi ukubhekana nezinselelo namanuhla.

Uthe intsha ayingayeki ukulwela amalungelo ayo, futhi ilwe nangokungalingani. Uthe ufuna intsha ibhukule ilwele ukuthola amathuba kwezomnotho. Inselelo ayibhekise kuyo yonke intsha ukuthi kumele ibe yinxenye yezixazululo ezilethwa nguHulumeni ukuze kulapheke isiFundazwe. Uthe intsha mayingayeki ukuba amashoshozela nokuzifukula yona ngokwemfundo. Uthe namhlanje imfundo iyisikhali esidlula zonke izikhali ezake zaba khona.

Ugcizelele ukuthi nakuba ekhuthaza intsha ukuthi ibe nesibindi izinikele njengentsha yaseSoweto, kodwa kumele izicije kabusha ngoba izikhathi sezishintshile. Uthe intsha mayiqinise kakhulu kulezizifundo ezishodayo ezweni ihlukane nezidakamizwa, kodwa isebenzise wonke amathuba avezwa nguHulumeni. Uthe uHulumeni wesiFundazwe usebenzise imali engaphezu kwezigidi ezingamashumi amahlanu amarandi ukusiza intsha ngemifundaze, ngaphezu kwaleyo efakwa nguHulumeni omkhulu.

UNdunankulu ukhuze intsha wathi ayiqaphe kakhulu igciwane eselibhubhise kakhulu kubantwana besifazana abaphakathi kweminyaka engu 14 kuya ku 25.

Uthe nakuba uHulumeni esehambe elide ibanga ukulwa nalesisifo kodwa enye yesindlela zokulwa naso ukufundisa intsha ukuthi izithibe. Uthe kuningi osekuzuziwe yintsha yanamhlanje uma uqhathanisa neka 1976, wathi kodwa niseningi izinselelo ezikhona. Uthe uHulumeni akasoze ayilibala intsha, wacela ukuthi intsha mayingadikibali ngoba uma usizo lungakafiki kuyo, akusho ukuthi alusezi. Uphethe ngokuthi kuHulumeni wakhe, ikusasa lentsha liqhakazile.

# UNdunankulu wesifundazwe u-willies mchunu useqoke njengebambela likaMqondisi-jikelele wesiFundazwe

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu uMhlonishwa u-Willies Mchunu useqoke unkosikazi Primrose Delisile Khumalo njengebambela likaMqondisi-Jikelele wesiFundazwe sakwaZulu-Natal. UMakhumalo, vele ubeyisikhulu esiphezulu kuwona umnyango kaNdunankulu ebhekene nokwaluleka aphinde aqiniseke ukuthi zonke izinto eziphathelene nabasebenzi kanye nondabazabantu khona eHovisi likaNdunankulu zihamba kahle. Kungokokuqala –ngqa eMnyangweni kaNdunankulu, selokhu kwaqala intando yeningi ukuthi umsebenzi ongowesifazane futhi onsundu aqhoqhobale isikhundla esiphezulu njengalesi.

Leli ngelinye lamagalelo kaNdunankulu u-Willies Mchunu lokukhombisa isibindi nethemba kubantu besifazane nokukhanda isithombe esisha ngesifundazwe saKwaZulu Natal. U-PD Khumalo njengoba aziwa emsebenzini ungumuntu ongazithwele, okhuluma nawo wonke umuntu kathi uthandwa nayiningi labasebenzi ngokuthatha wonke umsebenzi ngesineke nangenhlonipho.

Ungowokudabuka khona eMgungundlovu kanti ungumakadebona uma kukhulunywa ngabasebenzi abazinikele futhi abazikhandlayo ngokusebenzela uHulumeni.

Usesebenze cishe ngaphezu koNdunankulu abathathu kanti bonke bafike balibone iikhono nethalente kuye, yingakho ebelokhu ebambe lesisikhundla esishisayo isikhathi eside kangaka. IHovisi likaNdunakulu kanye nabasebenzi bonke bamfisela impumelelo neNqubekela phambili u-PD Khumalo



**Nks Primrose Delisile Khumalo**
Umqodisi Jikelele wesiFundazwe saKwaZulu-Natal osabambile

# UNDUNANKULU UMEMEZELE ONGQONGQOSHE ABASHA UKUQINISA IKHABHINETHI YESIFUNDAZWE

Ikusasa lalesisiFundazwe libonakala lisezandleni ezinhle kanti nemiphumela akubonakali izoba yinkinga.

**SIBUSISO MAGWAZA**

Selokhu eqalile kulesisikhundla sakhe esisha uMhlonishwa uWillies Mchunu akanaso isinqe ngenxa yezinhlelo zikaHulumeni wesiFundazwe abhekene nazo.

Ukuze uHulumeni wakhe usebenze ngendlela ayifisayo nezoletha impumelelo esheshayo uNdunankulu umemezele oNgqongqoshe abasha abahlanu engeza kwabahlanu abavele bekhona ukuze aqinise ukusebenza kweKhabhinethi yesiFundazwe. Bonke oNqgonqgoshe abamenyezelwe nguNdunankulu bavela kulo iqembu elibusayo esiFundazweni okungu Khongolose.

Kanti ebethula kusithangami sabezindaba uthe baletha isipiliyoni kanye nenqubekela phambili.

UNdunanklu umemezele laboNgqongqoshe abalandelayo:

- **Umnumzane uSihle Zikalala**, owezokuthuthukiswa komnotho, Ezokuvakasha Kanye nezemvelo. (Ubuye abe ngiSihlalo ka ANC EsiFindazweni sakwaZulu-Natal)
- **Umnumzane uMxolisi Kaunda**, Owezokuthutha, Ukuphepha komphakathi Kanye nokuXhumana.
- **Unkosikazi Bongi Sithole-Moloi,** oweZemidlalo, Amaciko, Ezamasiko Kanye nezokugcebeleka.
- **Umnumzane uMthandeni Dlungwane**, Owezemfundo
- **Umnumzane uThemba Mthembu,** OweZolimo, nokuThuthukiswa kweziNdawo Zasemakhaya.

Nakuba zibe nongabazane izinqgapheli eziningi, kodwa zikuqinisekile ukumhlonipha uNdunankulu noshintsho alulethile ngethemba lokuthi luzothela izithelo ezinhle.

Ikhabhinethi kaMacingwane yamukelwe ngo elethu ikakhulukazi njengoba iningi kuyo kuyintsha. Kuzokhumbuleka ukuthi kwisibalo somphakathi walesisiFundazwe, iningi yiyona intsha kanti nasezinhlakeni zomphakathi kubonakala intsha kuyiyo ehamba phambili ngokwezibalo. Isinqumo sikaNdunankulu sibonakale singazange sishaye eceleni ngoba senze lokhu obekuvele kulindelwe iningi.

Ethula lababaphathiswa uNdunankulu ubebonakala nasebusweni ukuthi ukuthakasele ukuqinisa ikhabhinethi yakhe ngabantu abethembayo ukuthi



*UNdunankulu wesiFundazwe umhlonishwa uWillies Mchunu ngesikhathi ethula oNgqongqoshe abasha.*
***Isithombe:** ZANDILE SHANGE*

abazukuhlala, bazogijima ngejubane elimangazayo ukuletha izinsiza kubantu besiFundazwe.

Kanti bekungokokuqala ukubona intsha eningi kangaka ingena kanye kanye kukhabhinethi selokhu kwaqala umbuso wentanto yeningi kulesisifundazwe.

Akuzange kuthathe isikhathi esingakanani befungisiwe abaphathiswa, bese begcwele izinkalo benza lokhu obekulindeleke kubo. Ikusasa lalesisiFundazwe libonakala lisezandleni ezinhle kanti nemiphumela akubonakali izoba yinkinga.

## ITHIMBA LONGQONGQOSHE ABASHA ABAQOKIWE UKUQINISA IKHABHINETHI YESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL



**UMnu uSihle Zikalala**
Owezokuthuthukiswa komnotho, Ezokuvakasha Kanye nezemvelo.



**UMnu Mxolisi Kaunda**
Owezokuthutha, Ukuphepha komphakathi Kanye nokuXhumana.



**UNkz Bongi Sithole-Moloi,**
OweZemidlalo, Amaciko, Ezamasiko Kanye nezokugcebeleka.



**UMnu Mthandeni Dlungwane,**
Owezemfundo



**UMnu Themba Mthembu,**
OweZolimo, nokuThuthukiswa kweziNdawo Zasemakhaya.

# Usephinde wagqemeka enye ingozi uNdunankulu u-Willis Mchunu ngokudlula emhlabeni kukababa wakhe



**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu uMhlonishwa u-Willies Mchunu usephinde wagqemeka enye ingozi ngokudlula emhlabeni kukababa wakhe obeneminyaka engu 104.

Ubaba kaNdunankulu selokhu axineka wabe esengeniswa esibhedlela selokhu kwadlula emhlabeni unkosikazi wakhe emasontweni amabili edlule.

Isizwe sonke, ongqongqoshe besifundazwe, izikhulu eziphezulu zehovisi likaNdunankulu nezikaHulumeni kanye nabasebenzi bonke bazwelana noNdunankulu kulesisikhathi esinzima. Akuvamisile ukuthi umuntu avelelwe isigameko esifana nalesi sokulahlekelwa abantu abathathu esikhathini esingaphansi cishe kwezinyanga ezintathu.

Kuzokhumbuleka ukuthi uNdunankulu uqale walahlekelwa ngunkosikazi wakhe uDudu, okuthe isizwe sisamangazwe ilokho, kwadlula emhlabeni umama wakhe uNtombikayise obena 85 njengoba manje sekudlula ubaba wakhe. Sithi akwehlanga lungehlanga Macingwane Omuhle. IsiFundazwe sonke sizwelana nawe kulesisikhathi esinzima.

**• KHONA MANJALO**

iHhovisi likaNdunankulu lidlulisa amazwi enduduzo nokuzwelana noNgqongqoshe umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube ngokudlula emhlabeni kukababezala wakhe uZipho Christopher Ncube obeneminyaka engu 70 odlule emva kokugula isikhashana.

UMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube umchaze ubabezala wakhe njengensika yekhaya. Uthe ukudlula kwakhe emhlabeni kuwushaqile umndeni.

Uthe nguye obebonakala njengenomfi ebihlanganise umndeni wonke.

Uthe konke abanako kungenxa yezeluleko nobuhlakani bakhe. Uthe ukudlula kwakhe emhlabeni kufana nodume lwengozi engeqiwa ntwala, kanti uqhube wathi bayohlala bemkhumbula.

Amalungiselelo omngcwabo azokwaziswa ngokuhamba kwesikhathi.

# UNDUNANKULU UTHEMBISE ISILO UKUTHI NJENGOHULUMENI BAPHEZU KWEMIZAMO YOKUQEDA IMIBHIKISHO ENODLAME

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu wesiFundazwe umhlonishwa uWillies Mchunu unikeze iSilo isiqiniseko sokuthi njengoHulumeni baphezu kwemizamo yokubuyisa ukuthula njengoba kuke kwaba nezigameko zodlame nokufa kwabantu kuso lesisiFundazwe.

UNdunankulu ubethamele umhlangano wokuvulwa kweNdlu yabaHoli BeNdabuko oLundi lapho ebe nenguyazana noBhejane Phuma eSiqiwini.

Ethula inkulumo kuvulwa leNdlu ebalulekile esizweni obekukhona kuyo iSilo naMakhosi, okaMacingwane uthe uHulumeni usuke waba nokuhlangana neziphathimandla zamaphoyisa ukulekelela ukuqeda udlame esifundazweni.

UMacingwane uqhube wathi benamaphoyisa bazokwenza okusemandleni kodwa uma behluleka uzobikela uMongameni uMnumzane uJacob Zuma ukuze ke babheke namanye amasu ukuze kuqedwe udlame.

UHulumeni wesiFundazwe unobudlelwano obunqala neSilo nobuholi beNdabuko, yingakho uNdunankulu ekuthathe njengokubalulekile ezinhlelweni zakhe ukuthi aziyele yena mathupha ukuyoxoxisana nabaholi abanohlonze njengalaba, yize bekhukhona noMphathiswa Wezokubusa ngoKubambisana kanye neZindaba Zobuholi BeNdabuko.

Bekungokokuqala uNdunankulu ehambela leNdlu esenguNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal.

Kukuwo lomhlangano lapho iSilo simemezele ukuthi bonke abantu abahlala ezindaweni ezingaphansi kweNgonyama Trust, kuzofanele bathole amatayitela ezindawo zabo. Kuzokhumbuleka ukuthi phambilini amatayitela obunini balezizindawo abengatholakali ngoba bekuthathwa ngokuthi bahlezi emhlabeni weSilo.

Ephawula egameni likaHulumeni wesiFundazwe uMacingwane uthe uyawuthatha lomthwalo uwubeka emahlombe akhe njengoNdunankulu ukwenza isiqiniseko sokuthi konke okusasilele ekulungisweni kwezimfuno zabaHoli beNdabuko, okubalwa kuko imali yesibonelelo sokuya kodokotela kanye namaholo kuyalungiswa.

Uthe selokhu ethathe izintambo njengoNdunankulu uqale ngokuzihlaziya zonke lezizinto ezisasilele.

Wathi kuyothi uma eseqedile abesethatha isinqumo esifanele.



*UNdunankulu wesiFundazwe umhlonishwa uWillies Mchunu.*
***Isithombe:** www.timeslive.co.za*

# UNqgonqgoshe uzikalala ukhuthaze ukuqikelelwa kokongiwa kweMvelo

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UMnyango wezoMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo oholwa uNgqongqoshe uSihle Zikalala usanda kusingatha ngempumelelo ingqungquthela obekuhloswe ngayo ukudingida ngezindlela zokuphuthumnisa intuthuko ngale kokuhlukumeza ezemvelo. Le ngqungquthela ethathe izinsuku ezimbili ibise iNkosi Albert Luthuli ICC eThekwini kanti ibihanjelwe izinkumbi zabantu okubalwa kuzo izinhlaka ezibhekele ukongiwa kwemvelo, osolwazi kwezemvelo kanjalo nezinkampani zangasese. Kuyona bekukhona noNgqongqoshe kazwelonke wezeMvelo u-Edna Molewa. Ekhuluma kulengqungquthela uMphathiswa u Zikalala uthe ezemvelo ziyinto ebucayi kakhulu nokusho ukuthi kumele kuqikelelwe ukuthi ngenkathi kuqhubeka intuthuko azicekelwa phansi. “Uma kuhlelelwa intuthuko noma yanoma iluphi uhlobo kuyaye kuphoqe ukuthi kube nohlelo olubizwa nge-environmental impact assessment (EIA) nokuwuhlelo lokubheka ukuthi leyontuthuko iyoba namthelela muni kwezemvelo.

Lokhu-ke kubaluleke kakhulu kwazise kuyinto egcizelelwe emithethweni yenhlangano yezomhlaba elawula ezemvelo i-United Nations Environmnent Programme (UNEP) nekubeka kucace ukubaluleka kokuqikelelwa kokuphathwa ngendlela kwezemvelo.” UMphathiswa uZikalala uphinde wathi kuyiqiniso elingephikwe ukuthi emphakathini asikayiqondisisi imithetho elawula ezemvelo nokwenza kubaluleke ukuthi kubizwe ingqungquthela yokuxoxa kuphinde kukhanyiselwe umphakathi ngezinto ezincike ekuvikelweni kwayo.“Ukuqikelelwa kokuvikelwa kwemvelo uma siletha intuthuko kuyinto eshicilelwe ngisho kumthetho-sisekelo wezwe lethu,” kusho UZikalala.



*UMnu uSihle Zikalala Owezokuthuthukiswa komnotho, Ezokuvakasha Kanye nezemvelo.*

Ethula inkulumo yakhe kulengqungquthela uNgqongqoshe uMolewa uncome isifundazwe saKwaZulu-Natali wasichoma uphaphe legwalagwala ngokuqikelela kwaso ukuthi iyalandelwa imithetho ye-EIA.

“Uma ubheka izicelo ze-EIA esesizitholile kusukela ngonyaka owedlule kuvela ukuthi ingxenye engu 14% kuzwelonke ibivela kwisifundazwe saKwaZulu-Natali.

Lokhu-ke kusho ukuthi IKZN ifake izicelo ezingu 192 kwezingu 1343 ebezivela kuzwelonke kanti kulesisibalo ezingu 187 sakwazi ukuthi sisisebenze siphinde sizigunyaze ukuze kuqhubeke intuthuko,”.Uphinde wathi lokhu kuyinto okumele ishayelwe ihlombe ngoba kuchaza ukuthi lesi sifundazwe asigcini nje ngokuqikelela ukuthi silandela yonke imigudu uma sihlelela intuthuko kepha siphinde futhi silandelele izicelo esisuke sizifakile kuhulumeni kazwelonke ukuze kuqhubeke intuthuko esuke ihlelelwa. UMphathiswa uZikalala waphinde waqinisekisa ukuthi isifundazwe sizoqhubeka nokuletha intuthuko emphakathini ngendlela eqinisekisa ukuthi izizukulwane ezizayo nazo ziyakwazi ukuhlala emhlabeni osesimweni.

# UNdunankulu u-Willies Mchunu uqguqguzele ubunye nobumbano ngenkathi efihla umama wakhe eWembesi

**SIBUSISO MAGWAZA**

Uphelezelwe ngesizotha nenhlonipho umama kaNdunankulu wesiFundazwe, umama uNtombi Doris Mchunu. Inkonzo yokumphekezela ibise Wembesi Multipurpose Centre kanti ibihanjelwe yizinkumbi zabantu okubalwa kubo umphakathi, imindeni wakwaMchunu evela ezindaweni ezahlukene, izisebenzi zikaHulumeni, amalunga ezinhlangano I- ANC, COSATU kanye ne SACP.

Leliholo lomphakathi beligcwele phama kanti abanye bebemi ngaphandle belinde ukubhonga emswanini kanye noNdunankulu. Intombendala u-Ntombi ibiyiqhawe futhi yaziwa kakhulu. Bambalwa kakhulu abebengamazi. Zonke izikhulumi ziqhakambise isizotha sakhe nokuhlala njalo ezihlupha ngokwenzeka kwabanye abantu.

Uchazwe njengomunye wabantu abebeqgame kakhulu emphakathini ngendlela abenza ngayo, nangamasu abenawo ukusisa abebengakwazi ukuzisiza.UMbhishobhi uJabu Gumede ugxile ekutheni umndeni wonke kufanele ube nethemba, nokuthi ubambane ngezandle ngezikhathi ezinjena futhi ube yisibonelo emphakathini.

Ucele zonke izakhamuzi kanye nomndeni ukuthi wamukele okwenzekile.

Uqhube wathi umama uNtombi uyidlalile eyakhe indima, manje sekuyisikhathi sokuthi wonke amalunga omndeni nawo enze okwawo. UNdunankulu ubezinyaziswe wumndeni wonke waseMachunwini, izikhulu zikaHulumeni, UNobhala wesiFundazwe ku ANC umnumzane uSuper Zuma, obemele amaKhomanise neCosatu kanye noNqgonqgoshe beKhabhinethi yesiFundazwe okubalwa kubo uDokotela uDhlomo. Ekhuluma ebhekise emndenini uNdunankulu uthe lesi yesehlo esinzima kodwa esidinga ukuthi umndeni uqine.

Ubale izinto eziningi ezazuzwa ngendlela umama wakhe abeziphethe futhi ezithobe ngayo. Uthe kuningi umama abenzele khona njengezingane zakhe yena athi uma ekubuka, abone kunzima.

Uthe yize ekulenkonzo yokuphelezela umama eseya endlini yakhe yokugcina, okumkhathaza kakhulu ngokukababa wakhe osalele esibhedlela emva kokuxineka kakhulu. UNdunankulu naye uhambe kuwo amazwi abanye okuthi umama ubewumuntu obenomoya ophansi, engaziphakamisile. Umama obengaziqhayisi ukuthi uzala umuntu omqoka njengoNdunankulu.

Undunankulu ubonge bonke abadele izinto ezibalulekile kubo ukuze bazomxhasa. Uthe “sonke singabantu, sinesabelo sethu futhi kungakuhle wonke umuntu abambelele kwisabelo sakhe”

Lenkulumo nakuba ibibhekiswe emndenini kodwa iyitholile indawo, yathinta bonke abebegcwele iholo. UNdunankulu ubekhuluma njengomuntu ozazi kahle izidingo zabantu, nangesidingo sokuthi kumele sibeke izimfuno zabantu ngaphambi kwezethu. Kushube kwathula kwathi cwaka ngenkathi ethopha umama wakhe, ebiza oNdabezitha, oJama noMacingwane, enxenxa umndeni waseMachunwini ukuthi ube yimbumba.

Umvalelise ngesizotha nomunyu umama obeyikho konke kuye, emcela ukuthi aze amkhonzele nakubo bonke abalobo asebengaphambili.

Lona besekungumncgwabo wesibili uNdunankulu abhekane nawo kulonyaka othinta abantu abaseduze kakhulu kuye. Owokuqala yilapho ebengwaba uNkosikazi wake uDudu, njengoba manje ebesengcwaba umama wakhe.

# UNDUNANKULU UTHE KUNINGI OKUNGAZUZWA YISIFUNDAZWE UMA BENGASEBENZA NGOKUBAMBISANA NEZISEBENZI ZEHOVISI LAKHE

Njengabasebenzi beHovisi likaNdunankulu kumele nibe yisibonelo futhi nazi ukuthi niyisibuko sikaHulumeni weziFundazwe waKwaZulu-Natal.

**SIBUSISO MAGWAZA**



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu uhlangane okokuqala nabasebenzi beHhovisi likaNdunankulu eMgungundlovu. **Isithombe:** ZANDILE SHANGE*

UNdunankulu u-Willies Mchunu ukholelwa ukuthi kuningi okungazuzwa yisiFundazwe sonke uma bengasebenza ngokuzimisela nokubambisana nabasebezi abangaphezu kuka 560 beHovisi lakhe.

Ukhulume kanje ngenkathi ehlangene nabo bebonke e-Auditorium eMgungundlovu.

Uthe inhloso yakhe bekuwuhlanganisa amehlo abone umuntu ngomuntu futhi abingelele njengoba esenesikhathi eqale ukuba wuNdunankulu kodwa ebengakahlangani nabasebenzi ngenxa yokuxinwa wumsebenzi kaHulumeni.

OkaMacingwane ukusho wangananaza ukuthi uyilunga elihloniphayo futhi elithembekile lenhlangano i-ANC okuyiyo emjube ukuba azoba nguNdunankulu.

Uthe into ebalulekile kuye ukuthi izinsiza maziye kubantu kanti neHovisi lakhe kufanele libe yisibonelo ngoba liwubuso bukaHulumeni wesiFundazwe.

Ezichaza uthe kubili akufunda ngenkathi esemncane, aqhubeke nakho impilo yakhe yonke, uthe inkolo yokuba nguMkhrestu kanye neyobuKhomanisi.

Nakuba engazange ande ngalezizinkolo ezimbili kodwa uthe abasebenzi mabakuqonde ukuthi useyilo ishoshozela leziNyunyana, ukulwela amalungelo abasebenzi yinto ekuye.

Wathi yingakho kuye ukuhlangana nabasebenzi kuyinto ebalulele kakhulu.

Uthe naphezu kwemicabango nenzwabethi okungenzeka ukuthi abantu banayo, ufisa bonke abasebenzi bakuqonde ukuthi uzokhuluma nabo ngoba bebalulekile futhi lokhu azokukhuluma nabo kuyiqiniso.

Uthe akazange acuthele ukunikwa isikhundla sikaNdunankulu futhi akukho akwenzile okubi ukuqgugguzela ukuthi anikwe lesisikhundla.

Uthe ziningi kakhulu izikhundla asedlule kuzo, kodwa zonke ziza kuye emva kokuxoxiswana ngaphakathi enhlanganweni yakhe ayithandayo futhi ayihloniphayo.

Uthe uma esejutshiwe akabe esabuza kodwa usuka ahlale phezu kwaloku asuke esekunikiwe ukuze igama lenhlangani nezimfuno zomphakathi zifezeke.

Uthe okuningi ukufunda endleleni kodwa usuke azi ukuthi ukunikezwa kwakhe ithuba akusikho ukuthi yingoba esuke ehlakaniphe kakhulu.

Uthe kuyena okubalulekile ukuba yilunga elihloniphayo futhi elizimisele. Ubale eseyishoshozela, eba yilunga lephalamende, eba yiseka-Somlomo kuze kufike la eba khona nguSomlomo.

Uthi kunoma yikuphi la esuke uthunnywe khona uya ngokukhulu ukuzimisela. Uze wafika nalapho aba khona nguMphathiswa weZokubusa ngoKuBambisana, nalapho egcine enguMphathiswa Wezokuthutha, ezokuPhepha komphakathi kanye nezokuXhumana, njengoba namhlanje engu Ndunankulu.

Uthi akazange alale phupha zonke lezizikhundla kodwa ziza kuye njengendlela ekusetshenzwa ngayo futhi ekumele ihlonishwe.

Yingakho ethe kungekuhle ukuthi abasebenzi kanye nomphakathi bavume ukudukiswa amahemuhemu. Uze wathi uza kubasebenzi ngoba ebahlonipha futhi ebathemba, uma kukhona okukodwa okungenzeka ukuthi akuhambi kahle noma akumphathanga kahle omunye, uNdunankulu uthe uzimisele ukubonana nalowo ukuze axolise.

UNdunankulu ube esebanxusa abasebenzi ukuthi basebenze ngokuzimisela, wathi abakuqonde ukuthi ukusebenzela umphakathi kuyinto ebalulele kakhulu.


Uthe njengabasebenzi beHovisi likaNdunankulu kumele babe yisibonelo futhi bazi ukuthi bayisibuko sikaHulumeni weziFundazwe.

Ucaphune umbhali wase Nigeria u-Chinua Achebbe wencwadi ethi "Things Fall Apart" lapho ethe "abasebenzi beHovisi lakhe bayinsika yaloHulumeni, kufanele benze futhi babe yisibonelo esihle.

Uma bekhombisa ukuba nhlakanhlaka lokho kuyobe sekuyo ukuthi ithemba alisekho".

Nakuba inkulumo kaNdunankulu ibuye ibe namancoko kodwa ishaye khona ngoba iphonsele bonke abasebenzi inselelo ukuthi bahlale phezu komkhono basebenze ngoba ukuhluleka kwabokuyobe kusho ukuhluleka kwakhe uNdunankulu.

Uthe wonke umuntu akasebenze ngokuzimisela azi ukuthi ngokwenza njalo uzobe emfundisa ukuthi abe nguNdunankulu ophumelelayo.



# UDLUNGWANA UDUDUZE IMINDENI ELAHLEKWELE

## Kuyadumaza ukuza esikoleni ngenxa yemishophi yaloluhlobo. SiwuMnyango siyalwa kakhulu nezihlava zaloluhlobo.

**NOMPUMELELO GASA**

UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana, uhambele indawo yase Muden eMsinga mhlaka ngenhloso yokududuza umndeni wakwa Ntshabha ohanjelwe ngesihluku indodakazi yawo uNothile Ntshabha obengumfundi eMuden Combined School.

Ukudlula emhlabeni ngesihluku kushiye umndeni kanye namalungu omphakathi eshaqekile.

UNothile kudalulwe ukuthi washiywa ibhasi labafundi elihlinzekwe uMnyango wezeMfundo nokulapho anquma ukuhamba ngezinyawo aphikelele esikoleni.

Esendleleni ebheke esikoleni kulapho kuthiwa kwavumbuka umbulali owamnukubeza ngokucansi wase ephetha ngokumklinya waze wadlula emhlabeni.

UMphathiswa uDlungwana ekhuluma nomndeni wakaNtshabha ugxeke ubulwane lomfundi abulawe ngabo, "SiwuMnyango kusihlukumeze kakhulu ukuzwa ngezindaba zokushona komfundi wethu ngesihluku esingaka.

Kungimangazile ukuthi kukhona abantu emphakathini esiwakhele abanobulwane baloluhlobo.

SiwuMnyango wezeMfundo sibone kubalulekile ukuzokhalisana nani sinibonise ukuthi akunina nodwa enilahlekelwe kodwa silahlekelwe sonke.

Okungihlaba umxhwele kakhulu ukuzimisela kuka Nothile nelukuluku alikhombisile lokuthanda imfundo, yize ebezohamba elide ibanga emva kokushiwa ibhasi kodwa ukhombise ukulangazelela imfundo ngokuhamba ngezinyawo ephikelele esikoleni," kubeka uMphathiswa uDlungwana.

UMnyango wezeMfundo wanika isikole sase Muden Combined School amabhasi amane okuthutha abafundi ngenhloso yokubalekelela ebangeni elide abalihambayo beya futhi bebuya esikoleni kanye nokubhekelela ukuphepha kwabo ukunqanda ezimo ezifuze lezi zokulinyazwa nokuhlukunyezwa kwabafundi beya noma bebuya esikoleni.

OkaDlungwana akagcinanga lapho kepha uphinde wahambela isikole iFolweni High School lapho umfundi uLungelo Maphumulo ogwazwe wabulawa omunye umfundi emva kwempi equbuke kubangwa umakhalekhukhwini.

Ekhuluma nabafundi, uMphathiswa ubaduduzile ngesimo esenzeke esikoleni sabo futhi wazibophezela ukulokhu kuthunyelwe njalo abazobaluleka ngokwengqondo ukuze badlulise lesisimo.

Ubuye wakhumbuza abafundi



*UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana eduduza umndeni e Folweni*

into ebalulekile nebalethe esikoleni, "Kuyadumaza ukuza esikoleni ngenxa yemishophi yaloluhlobo. SiwuMnyango siyalwa kakhulu nezihlava zaloluhlobo.

Kusukela namhlanje kuzomele nazi ukuthi imfundo enibeke kulamagceke futhi iyona eyisikhali sezimpilo zenu.

Izinto zomhlaba zinesikhathi sazo, kodwa imfundo iyona ebalulekile futhi ezoguqula izimpilo zenu kanye nemindeni yenu". kubeka uMphathiswa.

uDlungwana ubuye wahambela umndeni wa Lungelo Maphumulo ukuyoduduza.

"Ngifisa nazi ukuthi akunina nodwa enilahlekelwe kodwa nathi siwuMnyango silahlekelwe kakhulu kanye nothisha nabafundi abebefunda no Lungelo.

SiwuMnyango kusiphathe kabi kakhulu ukudlula komfundi ngaloluhlobo futhi elimalela emagcekeni esikole ngoba nani njengomndeni nisuke nithembile ukuthi umntwana usuke ephephile uma esesikoleni," kuphetha uMphathiswa uDlungwana.

# Akapholisi maseko uDlungwana ukwenza umsebenzi wakhe

**NOMPUMELELO GASA**

Kungakapholi maseko uNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal, uMhlonishwa uWillies Mchunu, eqoke uMphathiswa Mthandeni Dlungwana ukuba uMphathiswa wezeMfundo, sekubonakale elikhulu isasasa abantu bethakasela ukuqokwa kwakhe kanti noMphathiswa uDlungwana ubonakala enentshisekelo enkulu ngalomsebenzi aqokelwe kuwona.

Lokhu kuzinikela kukaDlungwana kugqanyiswe imisibenzi aseyenzile ngesikhashana esincane eqokiwe, okubalwa ukuhlangana nezikhulu zoMnyango wezeMfundo ngenhloso yokuhlahla indlela.

UMphathiswa uDlungwana ungowokuzalwa KwaZulu-Natali endaweni ebude buduze noMgungundlovu, kwaNxamalala eNqabeni.

UDlungwana ungumuntu owusebenzela ngokuzinikela umbutho njengoba kumanje engu Sihlalo wenhlangano ebusayo kwisigceme sase Moses Mabhida.

Oka Dlungwana uphothule umatikuletsheni ngonyaka ka 1995 wabe eseqhubeka nemfundo yamazinga aphezulu lapho ezuze iMasters Degree kwi Social Sciences eNyuvesi iKwaZulu-Natal eMgungundlovu.

Kusukela ngonyaka ka 2011 uMphathiswa uDlungwana ubesekomidini elibhekele



*UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana ekhuluma nabafundi*

ezeMfundo nokwenze wanamava amakhulu kuloMnyango wezeMfundo.

Intshisekelo ka Dlungwana ibonakale ngosuku lokuqala egcotshiwe njengo Mphathiswa wezeMfundo lapho ebe nomhlangano nabaphathi bamagatsha oMnyango.

UMphathiswa uDlungwane ubuye wahambela isiFunda saseZululand lapho ewuShampeni khona ngokohlelo lwe Operation Sukuma Sakhe ngenhloso yokuyobungaza impumelelo yeminyaka eyishumi nesithupha yoHulumeni basekhaya. UMphathiswa uDlungwana ehambisana no Mphathiswa wezobuciko, amasiko kanye nezemidlalo bahambele isikole iVuna High School kwaNongoma ukuyonikezela ngezincwadi, imifaniswano yemidlalo ehlukahlukene njengengxenye yemibungazo yoHulumeni basekhaya.

Akagcinanga lapho kepha wabe esehambela umndeni womfundi wase Muden odlwenguliwe wabulawa ngesikhulu isihluku ngenhloso yokududuza umndeni.

UMphathiswa uDlungwana ubelokhu egijime njalo njengoba ehambele isikole saseFolweni lapho kugwazane abafundi kwaphetha ngokudlula kwa Lungelo Maphumulo obengumfundi ka Grade 10.

UMphathiswa uphinde wahambela umndeni wakaMaphumulo ukuyowunduduza emshophini owehlele.

Ngosuku olufanayo, uDlungwana uhlangane nazo zonke izimenenja zoMnyango ngenhloso yokubeka umhlahlandlela kulomhlangano ube esecacisa ngokumkhathazayo kanye nalokho okumkhuthazayo.

Ethula inkulumo yakhe uMphathiswa ugqugquzele ukusebenzisana eMnyangweni ngenhloso yokusheshisa izidingo emphakathini kanye nokufeza imigomo yoMnyango.

UMphathiswa ubuye wacacisa ukuthi kuzosetshenzwa ngesikhulu isivinini ngakho kuzomele bonke abasebenzi bazilungiselele.

# UCHUNGECHUNGE LWESIHLONTI EZULULAND LUBE YIMPUMELELO

Sijabule kakhulu namhlanje ngokuza lapha sizobungaza iminyaka elishumi nesithupha yoHulumeni basekhaya bekhona besebenza ngokuzimisela.

**MBALI ZULU NO NKOSENHLE SHEZI**

UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwana, uvakashele isiFunda saseZululand ngaphansi kohlelo lochungechunge lwesihlonti lokubungaza iminyaka elishumi nesithupha yohulumeni basekhaya obeluzungeza sonke isiFunda saseZululand.

IsiFunda saseZululand samukele lesihlonti kwisifunda saseMajuba. Isihlonti sihambe njalo saze safika kwaNongoma endaweni yaseHlalankosi lapho uMphathiswa wezeMfundo evakashele isikole iVuna High School.

UMphathiswa uthole ithuba lokukhulma nabafundi okokuqala ngqa kulandela ukugcotshwa esikhundleni sokwengamela ezemfundo esifundazweni saKwaZulu-Natal.

UMphathiswa ukhulume nabafundi baseVuna High School wabagqugquzela ukuba bazinikele emsebenzini yesikole futhi basebenze ngokuzikhandla ezifundweni zabo. "Sijabule kakhulu namhlanje ngokuza lapha sizobungaza iminyaka elishumi nesithupha yohulumeni basekhaya bekhona besebenza ngokuzimisela. Size kunina njengohulumeni ukuzogqugquzela ukubaluleka kwezemfundo, uma uvuna kumele uqale utshale noma ulime ngaphambi ngokuthi uvune.

Umyalezo engifuna ukuwudlulisa kunina ukuthi ukuze uphumelele kumele usebenze kanzima".

Ezinye zezindawo lapho lisihlonti sidlule khona ukuyobungaza iminyaka elishumi nesithupha kohulumeni basekhaya iseDumbe endaweni yaseLuneburg, bekuyobonwa uhlelo obelwenziwa umnyango weZokuthutha lapho kwakhiwe khona ibhuloho lezinyawo elisezingeni eliphezulu. Leli bhuloho lizoba usizo olukhulu emphakathini njengoba sekubenezigameko lapho kuminza khona amalungu omphakathi.

Kuphinde kwadlulelwa oPhongolo endaweni yaseBelgrade lapho uhulumeni elekelele khona ngohlelo lokulethwa kwamanzi nogesi kanye nokulungiswa komgwaqo - lokhu kulethe intokozo enkulu emphakathini.

Loluchungechunge lokuzungeza kwesihlonti esifundeni saseZululand namaphethelo lube yimpumelelo kakhulu lwaphinde laveza ngokusobala imisebenzi emihle esiyenziwe uhulumeni kuleminyaka elishumi nesithupha, uhulumeni ezimisele ngokuletha intuthuko ebantwini



*UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uDlungwana ekhanyisa isihlonti KwaNongoma*

# UNgqongqoshe uSithole-Moloi uphe iVuna High School izincwadi zokufunda

**STHEMBISO SHANGASE**

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongi Sithole-Moloi uvakashele isikole samabanga aphakeme iVuna kwaNongoma enyakatho yesifundazwe wafike wanikela ngezidingo zokufunda okubala izincwadi zokufunda.

UMnyango Wezobuciko Namasiko iwona osingatha izindaba zokubhalwa nokushicilelwa kwezincwadi zokufunda njengoba nemitapo yolwazi ingaphansi kwalomnyango wakhe. Phakathi kwezincwadi anikele ngazo uNgqongqoshe uSithole-Moloi, kukhona nezezibalo zebanga leshumi nambili kanye nezesayensi. Ubuye weluleka abafundi ngokuziphatha kahle nokungajahi izinto zabantu abadala kodwa bagxile ekufundeni."

Okwamanje kufanele nifunde niphumelele ngoba izincwadi sesizilethile ukuze uma seniqedile naba wutho ezweni kwaphuma nabaholi bakusasa nikwazi ukwakha imindeni emihle ephila kahle" kusho ungqongqoshe uSithole-Moloi.

Zingaphezu kwama 200 izincwadi ezinikelwe uNgqongqoshe uSithole-Moloi kulesisikole.

Uqhube wabaxwayisa abafundi nangokuthi ukuqoma nokuqonywa besebancane kubabeka engcupheni yokungenwa yizifo nenhlupheko. Ungqongqoshe uSithole-Moloi uqinise kakhulu ngasemantombazaneni ngezeluleko.

"Ake nicabange nje mantombazane senifundile senisebenza kahle seninezimoto nemizi yenu, lapho-ke niyobe senithola nabakhwenyana abahle abasezingeni elinifanele" Kuqhuba yena uNgqongqoshe Sithole-Moloi.

Abafundi bawamukele ngezandla zombili umnikelo kaNgqongqoshe uSthole-Moloi wezincwadi nezinye izidingo zabo zezemidlalo.

UNhlakanipho Zungu ongumphathi wekomidi elimele abafundi ulandise uMnyango ukuthi lokhu asebekutholile sekubaphonsela inselelo yokuthi bakhuphule amasokisi ngoba akusekho ukucasha ngesithupha.

Lokhu kufakazelwe nawu Nkosikhona Sibiya ofunda ibanga leshumi nambili kusona lesisikole esakhiwe ngesimanjemanje yize sisendaweni esemakhaya, wathi bazophumelela kahle kumnyama kubomvu kulonyaka ngoba sebenazo izinsiza kufunda ezanele.

Ungqongqoshe uSithole-Moloi uphinde waphakamisa isihlonti senkululeko ebambisene nozakwabo kwezemfundo uMnu Mthandeni Dlungwana.





*Abafundi baseVuna High bag hole izincwadi nemijezi yezemidlalo*

# UBE IMPUMELELO UMCIMBI WOKUKHUMBULA UMATIWANE


■ Kufanele izifundo ezifana nalezi ziqhubeke ukuze nezizukulwane ezizayo zazi ngabantu abafana noMatiwane.

**SIDUDUZIWE KHANYILE**

Isigcinamagugu i-DCO Matiwane Museum engaphansi kwe Msunduzi Museum ngokubambisana noMnyango Wezobuciko Namasiko kanye noMnyango Wezokuthutha KwaZulu-Natali ibambe isifundo yesikhumbuzo senye yezingqalabutho zeqembu likaKhongolose u DCO Matiwane.

Lesifundo esizobanjwa minyaka yonke bekungesesibili.

Lomcimbi okuhloswe ngawo ukukhumbula u Matiwane ububanjelwe eMsunduzi Museum eMgungundlovu kanti inkulumo yosuku yethulwe uNkk Sindisiwe Chikunga oliphini likaNgqongqoshe Womnyango Wezokuthutha kuzwelonke. Phakathi kwabahambele lomcimbi kubalwa lowo osekomidini emnyangweni Wezobuciko Namasiko uNontembeko Boyce, uSodolobha wase Mgungundlovu uMnu Chris Ndlela ,u sihlalo we DCO Matiwane Legacy Memorial u Dokotela May Mkhize nabanye.




UMatiwane uchazwe njengomuntu owabamba iqhaza elikhulu ekulweni nobandlululo nowayekholelwa kubunye.

Okuphinde kwahlaluka kulesisifundo ukuthi wenza okuningi ukuze imfundo ibeseqopheleni eliphezulu futhi ilingane kwabamnyama nabamhlophe.

Lowo osekomidini kuMnyango Wezobuciko Namasiko u Nontembeko Boyce, okhulumele uNgqongqoshe uNkk Bongi Sithole-Moloi, uthi kube kuhle ukuthi lesisifundo sibe ngenyanga yabantu abasha ngoba sizosiza ngokuthi abantu abasha bathole ulwazi lokuthi abantu abafana noMatiwane basebenza ukuthuthukisa izinga lemfundo ukuze abamnyama bakuleli bathuthuke.

Echaza uthe izigcinamagugu zibalulekile emlandweni wakuleli ngoba zikhombisa umlando wakuleli ngemibhalo namagugu ngobuningi bawo. Uphethe ngokuthi uMnyango uzimisele ukuthuthukisa nokuxhasa izifundo ezifana nalezi.

Usodolobha wase Mgungundlovu u Mnu Chris Ndlela naye uphonsele intsha yakuleli inselelo ukuthi ifunde kulezizifundo iphinde isebenzise inkululeko eyayithola eminyakeni engamashumi amabili edlule ukwenza izimpilo zayo zibengcono.

"Kufanele izifundo ezifana nalezi ziqhubeke ukuze nezizukulwane ezizayo zazi ngabantu abafana noMatiwane" kusho uNdlela.

Umndeni wakwa Matiwane ubonge ngelokuthi uzimisele ukuthi lezizifundo zokukhumbula uDCO Matiwane nangokufundisa ngaye ziqhubekele phambili ngokuthi zigcine sezihambisana ngokufundisa abafundi ngemikhakha eyahlukahlukene yokufunda emazingeni aphezulu, ziphinde zithole uxhaso kulabo abangalekelela abafundi ngemifundaze.



# Usubaqokile uMnyango wezoBuciko namaSiko abazodlana imilala kowesiFundazwe

**THEMBEKA DLAMINI**

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali usuwaqokile amakhwaya nabaculi abacula ngabodwana abazoyomela isifunda esiseningizimu emncintiswaneni womculo wamakwaya ozoba mhla ziyi-17 kuNhlangulana, esikhungweni Ugu Sports and Leisure Centre, kuMasipala uGu.

UMnyango uthi kuyadumaza ukuthi kufika amakhwaya ambalwa nje azohlungelwa ukuya kulo mcintiswano wesifundazwe ube wona ufake imali eshisiwe.

INhloko yoMnyango Wezobuciko Namasiko uNkk Sbongile Nzimande uthi ingaphezu kuka-R1 million imali efakwe wumnyango kulo mncintiswano okuhloswe ngawo ukugqugquzela lolu hlobo lomculo.

"Umculo wamakwaya uyaziwa ngegalelo lawo ekufundiseni abantu, ikakhulu labo abawuculayo, ukuthi bafunde ukuziphatha nokuziqoqa" kusho uNkk Nzimande.
UNkk Nzimande ubongele nabadle umhlanganiso badlulela ezingeni lesifundazwe. Abaculi abacula ngabodwana bebencintisana ngokwezindlela zokucula ezahlukene okubalwa kuzo i-soprano, i-alto, i-Tenor kanye ne-Bass; kanjalo nabacula ngababili bephelezelwa wuphiyano.

Amakwaya i-PMB South Region noMzinto Choral yiwona azomela isifunda esiseningizimu kulo mncintiswano ozobe udidiyele zonke izifunda zakulesi sifundazwe.

Amakwaya kanye nabacula ngabodwana abazoqhudelana kulo nyaka bazobe beqhamuka esifundazweni sonkana.

# Iguqula izimpilo zentsha iScabazini Youth Academy

**MONDLI MPINTSHANE**

Isikhungo sokucija amakhono iSicabazini, esiFundeni saseMkhanyakude, siyaqhubeka nomsebenzi waso omuhle wokukhiqiza intsha ehlome ngamakhono okwenza imisebenzi yezandla.

Emcimbini wokugogoda kwabafundi abangu 325 emikhakheni eyahlukahlukene yemisebenzi yamakhono kulonyaka ka 2016, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Thusi, uzwakalise ukuziqhenya ngomsebenzi omuhle olokhu uqhubekile ukwenziwa yilesi sikhungo samakhono.

Enye yezinto ezithokozisa uNgqongqoshe uThusi ukuthi lesi sikhungo sikaHulumeni samukela abafundi abaqhamuka emiphakathini eyahlukahlukene kuso sonke isiFundazwe.
UNgqongqoshe uThusi uthe: "Lesi sikhungo savulwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngokubambisana noMnyango wezeMfundo ophethe iTVET esisebenzisana nayo kulendawo, ngenhloso yokuthuthukiswa kwamakhono entsha siphinde sisize intsha ngokuzazi yona futhi yazi ukuthi ibhekephi nempilo.

"Baphinde bafundiswe ngokuzithiba ezidakamizweni, nokuxazulula izinkinga ngendlela eyakhayo," kusho uNgqongqoshe uThusi. Beziziphumela izinyembezi zenjabulo kubazali bebonga uMnyango ngokusungula isikhungo esikhiqize abafundi besifazane nabesilisa abawu-325 sebehlangane kulonyaka.
UNgqongqoshe uThusi ubonge amagalelo esikhungo nabafundi abazimisele ngokuthatha lezi zifundo, washo nokusho ukuthi lesi sikhungo sishitsha izimpilo zentsha. Uthe intsha yanamuhla isizibandakanya nama-'blesser', kodwa lentsha yabafundi izinqumela ukuthi izofunda bese izimela yona inganciki kuma blessser.

Uncome kakhullu omunye wabafundi besifazane ogama lakhe linguNkosazana Nontobeko Mchunu, obefakaza ngempilo yakhe, esho nokusho ukuthi ubesebenzisa yonke inhlobo yezidakamizwa, kodwa ukuqala izifundo zakhe kulesi sikhungo kuyiguqulile impilo yakhe.

UNgqongqoshe uThusi uthe uNkosazana uMchunu ube yisibonelo kwenye intsha yakwaZulu-Natali. Kulesi sikhungo kunenhlangano yethimba labaphekayo iphinde ibhake izinkwa, kube nenkampani ethungisa izimpahla, kuphinde kubekhona inkulisa.

Phakathi kwabafundi abawu-325 abakhiqizwe yilesi sikhungo, abangu-80 basebenza ezinkampanini ezizimele.

Abafundi abangu-26 bathweswe iziqu zabo. Amantombazane angu-15 aqede izifundo zikagesi, abafundi abangama-20 bebenza izifundo zokupheka, abayi-15 bebenza izifundo zokukhanda amapayipi amanzi. Kuzo zonke lezi zifundo, ikhompyutha bekuyisifundo esiphoqelekile kuzona zonke izifundo.

UNkosazana Mchunu ugeqe amagula efakaza ngokuguquka kwempilo yakhe, wabonga uNkosikazi Weziwe Thusi ngokubeseka.

Uveze nokuthi ubeselahlekelwe nayi mpilo yakhe, esehlala nasemgwaqeni, ingane yakhe ihlala nogogo wakhe.

Uthe ishintshile impilo yakhe emuva kokuzivumela ukuba aye Esicabazini Youth Development Academy ngoba esebona ukuthi isitifiketi ashoda ngaso yilesi esiphuma uma umuntu esefile, kanti kulesi sikhungo kuphuma izitifiketi zokuthi abantu baphile futhi impilo yabo iye phambili.



*UNdunankulu uMnu Willies Mchunu, uNgqongqoshe uMnuz Mxolisi Kaunda neNhloko yoMnyango wezokuThutha uMnu Sibusiso Gumbi emhlanganweni wokukwethula ngokomthetho uKaunda phambi kwezikhulu zeminyango yakhe.* ***Isithombe:*** ***SBU ZUNGU***

# UMNUNZANE UMXOLISI KAUNDA UNGUMPHATHISWA OMUSHA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA KANYE NOKUXHUMANA NOMPHAKATHI

Lolu usuku lwami lwesithathu ehhovisi, kodwa ngiyazi ukuthi sizobhekwa ukusebenza kwethu ngezinsuku ezingu 100 siseHhovisi.

UNdunankulu waKwaZulu Natal, uMnu Willies Mchunu udlulisele ngokusemthethweni izintambo kuNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda ongene ezicathulweni zakhe, nosekungumsebenzi wakhe ukuhola iminyango wezokuThutha nowokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

UNdunankulu wenze lokhu eThekwini ngenkathi ehlangene nezikhulu zeminyango yomibili, nalapho kuphinde kwethulwa ngokomthetho uMnu Kaunda phambi kwezikhulu zeminyango yakhe. Izikhulu beziholwa yiziNhloko zeminyango owezokuThutha uMnu Sibusiso Gumbi kanye nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Themba Mavundla.

UMchunu ube esechazela uKaunda ngezinhlelo ezinqala ezidinga ukuba seqhulwini ezifana nokusheshiswa kwezinhlelo zokuhambisa izidingo kubantu kanye nokuguqulwa kwezomnotho ngokwandisa ukungena kwabantu ababencishwe amathuba phambilini kwezomnotho.

UKaunda uthe uyajabula ukujoyina ithimba eliwinayo njengoba uMnyango wezokuThutha kanye nowokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ubonwa njengeminyango ephumelelayo.

Uphinde wathi akajoyini ngoba ezoshintsha izinhlelo esezibekiwe, kodwa ufuna ukuzophuthumisa ukuba kwenziwe izinhlelo zemisebenzi ezibalulekile.

"Lolu usuku lwami lwesithathu ehhovisi, kodwa ngiyazi ukuthi sizobhekwa ukusebenza kwethu ngezinsuku ezingu 100 sisehhovisi.

Ngakho ke akusona isikhathi sokuhlakaza izinhlelo, kodwa ukuba sicije endleleni yokusebenza kwethu ukuze kusheshe esikwenzayo. Isibonelo, asikwazi ukulokhu sikhuluma ngezinguquko; manje sekuyisikhathi sokuqalisa ngenguquko yezomnotho ngokuphelele," kusho uKaunda.

UKaunda akapholisanga maseko njengoba eqalile ukwehla enyuka esebenza.

Ngaphandle kokuhlangana nezikhulu zeminyango yakhe, ubeseqalile ukuhlangana nezinhlaka ezisebenzisana neminyango kudingidwa ngezinto eziyizinselelo njengokubhikisha komphakathi waphinda wahambela imiphakathi ehlaselwe ubugebengu.

"Indlela engisebenza ngayo ngeyokuthi umnyango wami uvulekile futhi ngigqugquzela abaphathi nabasebenzi ukuthi bakwazi ukuhlala bexhumana nami ukuze sixazulule izinkinga ngokushesha. Nginxusa futhi wonke umuntu ukukthi sibambisane, ngoba sizophumelela kuphela uma sisebenzisana ndawonye," kusho uKaunda.

UMchunu uthe yomibili iminyango ibe senhlanhleni ukuthi ithole umuntu obevele esebenza njengoSihlalo kwiKomiti lezokuThutha aphinde abe ilungu leKomiti lezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

"UKaunda usemusha futhi unomfutho ngicabanga ukuthi umfutho kanye nengqondo yakhe ephusile izoba usizo kulo mnyango," kusho uNdunankulu uMchunu.

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT


AIDS 2016
21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

"Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic"

ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW

KZN Provincial Communications_2016





***Kusuka kwesokunxele:*** *Inkosi yaseMangwaneni eBerville, uNdabezitha uMenzi Hlongwane, unobhala wamaphoyisa eMnyangweni wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi,uMnuz. Mvuseni Mnqayi kanye noSihlalo we-KwaZulu-Natal Community Crime Prevention Association(KZNCCPA), uMnuz.Tallman Zuma bethammele umcimbi wokusayindwa kwesivumelwano sokuthula noxolo eBergville.*

# UMHLONISHWA UMXOLISI UKAUNDA WEXWAYISA NGEMIBHIKISHO ENGEKHO EMTHETHWENI

Omunye umsebenzi wethu njengohulumeni ukwenza isiqiniseko sokuthi bonke abantu bathokozela amalungelo abo njengoba kushiwo kuSomqulu wamaLungelo.

**LUNGISANE GWALA**

Uhulumeni waKwaZulu-Natal ngeke uvume ukuthi isifundazwe sibe yikwampunzi indla emini nalapho abantu bengawuhloniphi khona umthetho uma bebhikisha.

Labo ababhikisha ngokungekho emthethweni bese bevimba imigqwaqo futhi baphinde bacekele phansi impahla kahulumeni neyomphakathi bazothathelwa izinyathelo ezinqala.

Lesisexwayiso senziwe ungqongqoshe weZokuthutha, ukuPhepha nokuXhunyaniswa koMphakathi, uMnuz Mxolisi Kaunda, emuva komhlangano abenawo nezikhulu eziphethe ezokuphepha KwaZulu-Natal.

Lomhlangano ubuzodingida udaba lwemibhikisho enyenzeke enyakatho neTheku.

UKaunda uthe uhulumeni ngeke neze uvume ukuthi isifundazwe esihlonishwa kangaka sibe kwampunzi edla emini nalapho abantu bezenzela umathanda bengawuhloniphi umthetho wezwe.

"Ngeke sivumele lesifundazwe kanye nezwe lakithi ukuthi libe ikwamazibuse. Kudinga siqinisekise ukuthi lelizwe lakithi liyawugcina umthetho. Akumele sizwelane nabantu abaphula umthetho. Kumele sibavulele amacala labo abaphula umthetho kuze bagcinwe endaweni ebafanele. Abantu kumele bafundiswe ukuthi lelizwe akulona elomazibuse," kusho uKaunda.

Uthe leziteleka ezingekho emthethweni ziphikisana noMthethosisekelo futhi zihlukumeza amalungelo abanye abantu. "Omunye umsebenzi wethu njengohulumeni ukwenza isiqiniseko sokuthi bonke abantu bathokozela amalungelo abo njengoba kushiwo kuSomqulu wamaLungelo. Akekho umuntu onelungelo lokuphazamisa ilungelo lomunye umuntu. Ukuvimbela abanye abantu ukuthi baye emsebenzini ukuhlukumeza ilungelo labo," uqhuba uKaunda.

UKaunda uveze ukungenami kwakhe ngokuvalwa kwemigwaqo eminingi nokuphazamisa ukusebenza. "Sifisa umbutho wamaphoyisa nazozonke izinhlaka zokuphepha zisebenze ngokuzimisela ukulwa nalesisihlava," kusho uKaunda.

Uphinde wakuveza ukuthi ezinye zalezigameko zenzeka ngoba kubhekwe okhethweni lohulumeni basekhaya ingakho sebenxuse amaqembu ezepolitiki ukuba ashumayele ivangeli lokuthula nokuziphakatha kahle kubalandeli bawo. Uthe labo abanezikhalo mabaziphakamise ezinhlakeni ezifanele bayeke ukuvala imigwaqo ngoba lokhu kuphazamisa umnotho. Kepha uMhlonishwa uzwakalise ukweneliseka ngohlelo lwabezokuphepha lokuqinisekisa ukuthi izigameko ezinjengalezi ngeke zivunyelwe.

Osigaxamabhande baveze ukuthi kunesu vele elikhona lokulwa nalesisihlava nelifaka phakathi ukutshalwa kwamaphoyisa amaningi. Kokunye zonke izihlaka zamaphoyisa zizohlala ziqaphe ngamehlo okhozi isimo kanti futhi zizobe zilungele ukuthi zibhekane nabafo laba bemibhikisho noma inini. Nabaphathi beTheku nabo baveze ukuthi banamasu okulwa nalolubhubhane nokufaka phakathi ukuqinisa igalelelo labo lokulwa nalesisihlava.

# Livulwe ngokomthetho ihhovisi lamalayisensi eBergville

**AKHONA DLAMINI**

Linciphile ibanga elizohanjwa umphakathi waseBergville ukuyohlolelwa ukushayela kulandela ukuvulwa kwamahhovisi amalayisensi kule ndawo.

Ukuncipha kwebanga kusho nokuncipha kwemali yokugibela nokuzokwenza impilo ibe lula kulezi zakhamizi njengoba ngaphambilini bebephoqeka ukuthi bahambe baze bafinyelele eMtshezi uma beyohlolelwa ukushayela kanye nezinye izidingo ezihlinzekwa yilesi sikhungo.

Lezi kube yizindaba ezimnandi kuNks Gcinile Ngwenya wase-Greenpoint ongomunye wabahlomulile ngokuvulwa kwala mahhovisi.

La mahhovisi akhiwe ngokubambisana kweminyango yesifundazwe owezokuThutha ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda nowezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu wona oholwa uNkk Nomusa Dube-Ncube, bese kuba uMasipala uKhahlamba ngaphansi kweMeya uMnu Thulani Sibeko.

UNgwenya ungomunye wamalunga omphakathi athole umfundaze kuMasipala wasoKhahlamba wokwenza ama-learners kanye namalayisensi.

Uthe akakholwanga uma ezwa ukuthi oNgqongqoshe uKaunda noDube-Ncube kanye neMeya uSibeko bazohambela umphakathi wangakubo wathi angeke asale ngaphandle ufuna ukuyozibonela yena mathupha.

"Ngiyajabula kakhulu ngokwakhiwa kwalama hhovisi amalayisensi njengoba nami sengizosisebenzisa lesi sikhungo ukuze ngikwazi ukuhlomela amathuba omsebenzi.

Impela intuthuko siyibona ngamehlo endaweni yangakithi eBergville.

Ngifisa ukubonga kubona bonke oNgqongqoshe neMeya ngokusakhela lesi sikhungo samalayisensi esisezingeni eliphezulu,"kusho uNgwenya.

UNgqongqoshe Kaunda uthe ukwakhiwa kwala mahhovisi, ngokubambisana noMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu - okuyiwona otshale ingxenye enkulu yemali kule ntuthuko kungeminye yemiphumela yokusebenza ngokubambisana okuhle phakathi kwezigaba zikahulumeni okungowesifundazwe nowasekhaya.

"Kulo msebenzi, uMnyango wezokuThutha ufake imali engu-R2.5 million ohlelweni lokuhlolelwa i-learners ngobuchwepheshe be-computer. Lobu wubuchwepheshe esesibufake kulesi sikhungo njengoba lesi sikhungo siku-Grade A, okusho ukuthi umphakathi uthola konke okumele kube sesikhungweni samalayisensi," kusho uKaunda ngokuzigqaja.

IBergville ingaphansi kohlelo lokuvuselelwa kamadolobha amancane.

Loluhlelo luza nengqalasizinda ehlanganisa ukulungiswa kwemigwaqo.

Ngaphansi kwezinye zezinhlelo okubhekwe ukuba ziqale manje kusuka kulonyaka-mali kubalwa u-D44 e-Watersmeet ekuzofakwa kuwo isamba semali engu-R6 million; uP280 e-Weenen ozodla u-R380 million; iMfifiyela Vehicle Bridge yasoKhahlamba ezokwakhiwa ngo-R7.7 million neMoyeni Vehicle Bridge e-Loskop



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ubheka ukusebenza kwesikhungo samalayisensi eBergville njengoba sesivulwe ngokomthetho.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

lapho ekuzotshalwa uR11.9 million. UKaunda uphethe ngokubalula ukuthi ibalelwa ku-R493 million imali eseyihlelelwe kule minyaka-yezimali emithathu ukusukela kulona esikuwona wabuye wathi uMnyango usazoqhubeka nezinhlelo zokusabalalisa amahhovisi alolu hlobo nakwabanye oMasipala.

# KWAMUKELWE YIZO ZONKE IZINHLAKA ZOMPHAKATHI UKUQOKWA KUKANGQONGQOSHE WEZOLIMO U-THEMBA MTHEMBU

■ Akumangazanga ukuthi ngenkathi uNdunankulu ephakamisa igama lakhe wabala isipiliyoni nobuchule ekwenzeni umsebenzi.

Ukuqokwa kuka Themba Mthembu njengongqongqoshe weZolimo nokuThuthukiswa kweZindawo Zasemakhaya kwamukelwe ngenkulu injabulo yizo zonke izinhlaka zomphakathi okubalwa kuzo umkhakha weZolimo, abasebenzi basemapulazini kanye nakubasebenzi bomnyango weZolimo esiFundazweni.

Ngisho nezinyunyana zikushayele elikhulu ihlombe ukuqokwa kukaMthembu njengo Ngqongqoshe weZolimo ngoba bethi unobuchwepheshe bokusebenza kulomnyango futhi kuzonikeza isiqiniseko kubasebenzi bolomkhakha ukuthi bazokhula.

UMnyango WeZolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo Zasemakhaya ubalulekile kakhulu kuloHulumeni oholwa nguNdunankulu u-Willies Mchunu kanye noMongameli u-Jacob Zuma. Yingakho kushayelwe ihlombe elikhulu ukuqokwa kwenkakha ekukade iwa ivuka nabantu abahlwempu.

Abezinyunyana banenkolelo yokuthi ukungena komuntu oluqonda kahle usizi lwabantu abantulayo kuzoba nomthelela omuhle.

UMvelase uyazi futhi uyaqonda ukuthi ukuze kube nenqubekela phambili kulomnyango kudingeka angaqhelelani nababambe iqhaza okungabalimi.

Uthe abalimi kuzomele basebenze kahle nabasebenzi babo futhi kungabi khona ukuklwebhana ngoba lokho kungcofa lonke igama labalimi kanye nemboni yezolimo.

UMvelase uyaziqonda izinqinamba ezibhekene nabalimi ngenxa yalesisomiso esesigadle isikhathi eside, kusho umnumzane uNicolaas Fourie wenhlangano yezolimo kulesisiFunda. UMvelase unguqweqwe lweshoshozela elivela kuzo izinyunyana njengoba ekhulele kuzo waze waba nguNobhala weNehawu.

Ngenxa yegalelo lakhe ekulweleni izimfuno zabasebenzi nabantu abahluphekayo, uze wakhethwa ukuba nguNobhala wamaKhomanisi kulesisiFunda okuyisikhundla asasiphethe namanje, kanti udlale indima enkulu ekwakheni izinhlaka zikaKhongolose ezansi nesiFunda saKwaZulu Natal nezikhathi zango 1990.

Uyindoda ehloniphekile ewalwelayo amalungelo abantu ikakhulukazi abahluphekayo.

Ngokokudabuka uvela kwaMhlabuyalingana kanti uchithe isikhathi esingi kwaMashu nasezindaweni eziningi zeTheku enza imisebenzi kaKhongolose neyamaKhomanisi.

Usebe yilunga lesishayamthetho isikhathi eside futhi engusihlalo wekomidi leZolimo nokuThuthukiswa kweZindawo Zasemakhaya. Akumangazanga ukuthi ngenkathi uNdunankulu ephakamisa igama lakhe wabala isipiliyoni nobuchule ekwenzeni umsebenzi.

Kulesisikhashana eqokiwe usebe nochungechunge lwemihlangano nabasebenzi, nokubheka ukuthi yiziphi izinto ezidinga ukuthi azinake kakhulu kunezinye.

Kulesisikhathi samanje kubalulekile ukuthola abaholi abafuze uMvelase, kusho omunye wabasebenzi.

Kuyaye kuthiwe umshanelo omusha ushanela kahle, kuthenjwa ukuthi noMvelase uzokwazi ukumelana nezinselelo zanamuhla kulomnyango obhekene nengwadla yokunyuka kwamanani okudla ngenxa yesomiso.



*UMnu Themba Mthembu, UNgqongqoshe weZolimo, nokuThuthukiswa kweziNdawo Zasemakhaya.*

# UMphathiswa u-Scott uxwayise umphakathi ngengculazi

**NHLAKANIPHO BUTHELEZI**

UNgqongqoshe wezeziMali kwaZulu-Natal , uNkk. Belinda Scott, unxuse umphakathi waseMgungundlovu ukuba ufuqe umkhankaso wokulwisana nengculazi ukuze kunciphe isibalo sabantu abatheleleka yigciwane lesandulelangculazi.

UMphathiswa u Scott, ophinde abe uMholi wezePolitiki obhekele isiFunda uMgungundlovu, uphatheke kabi ukuthi lesi sifunfda sakhe sihamba phambili kunezinye ngezibalo - bangama 40% abantu abaphila nesandulelangculazi kule ndawo.

Ekhuluma eHholo loMphakathi kwaGezubuso (Ward 5) uScott uthe isimo esingama 40% sikhombisa ubungcono kunama 50% emnyakeni edlule, kodwa wagcizelela ukuthi lezi zibalo zinkulu kufanele zehle kakhulu.

"Into ekhathaza uHulumeni ukuthi lapha eNingizimu Afrika kunesibalo esifinyelela ku 2 500 sabantu abatheleleka ngesandulela njalo ngeviki. Eyethu indima njengoHulumeni ukwenza isiqiniseko sokuthi abantu abatheleleke ngesandulelangculazi bangasheshi ukuthi babe nengculazi.

Lokhu kusho ukuthi uHulumeni usenomsebenzi omkhulu okumele awenze kulesi sifunda. UScott ubeke wathi "Kulesi sifundazwe imishanguzo iyatholakala, uma umama enegciwane akusho ukuthi nezingane zakhe zisulelekile.

Uma umama ethatha kahle imishanguzo esazithwele, umntwana wakhe uzozalwa engasulelekanga ngegciwane.

"UScott ebekuMasipala waseMsunduzi ezovivisa abahlali ngengqungquthela yamazwe omhlaba yengculazi eza eThekwini ngenyanga kaNtulikazi.

Lona umcimbi wesibili emva kokuthi siqalise lolu chungechunge kuMasipala waseMpendle enyangeni eyedlule.

Ekuqaleni kosuku uScott uvakashele izinkulisa ezimbili Ekuthuleni neSiphesihle lapho enikele khona ngefenisha, i-laptop, omatrasi nezimpahla zokufunda.

UNgqongqoshe ubengahambi yedwa kepha nesikhulu sakaFuture Life uNkk. Julika Falconer, onikele ngephalishi elinomsoco lakaFuture Life. uFalconer ube esethi ubengeke akwazi ukuma abukele kube kusanezingane eziningi ezidinga usizo.

Ube esethi le nkampane inenhloso yokondla izingane ezisencane esifundazweni saKwaZulu-Natal. "Sinikele ngokudla okunomsoco ekungeneleleni ekusizeni lezi zingane. Sikholelwa ekutheni kubaluleke kakhulu ukuthi izingane zithole ukudla okunomsoco ukuze zikwazi ukuthuthuka nokukhula ngendlela efanele.

Usekela Meya uThobane Zuma ukuthokozele kakhulu ukuzwa lokho. Ube esethi kuyakhombisa ukuthi uHulumeni uyabakhathalela abantu.

Uphinde wathi lolu hlelo kanye nalo mnikelo kuzosiza kakhulu ekwenzeni izinga lezimpilo zalezi zingane zibengcono.

# Unconyiwe umsebenzi wabezempilo kowama-MASEA Awards

Awucabange ithimba labasebenzi abathathu bezimo eziphuthumayo bezama ukukhipha usana olusanda kuphoswa wunina emgodini wendlu yangasese. Oyedwa ungena ngekhanda kuqala, laba abanye ababili bamubambe ngemilenze ukuze angaphonseki.

Lamaqhawe, okungoMnuz Simphiwe Majola, Mnz Vumelakhe Sokhela no Mnz Mandlenkosi Nsele aphumelela ukukhipha lolu sana kulesi gameko esenzeka eSidakeni, eMsinga; balugeza baluphuthumisa esibhedlela.

Kuyimanje luyaphila futhi luyokwazi ngelinye ilanga ukuyixoxela amagwababa echobana lendaba.

Kwesinye isigameko, abasebenzi basesibhedlela sase-RK Khan badela ukuphepha kwabo bagulukudela ebhilidini elivuthayo bezama ukutakula uzakwabo owayekade elele ngesikhathi kuqala umlilo. Ngesibindi esimangalisayo, bakhahlela umnyango bangena, bamuphuthumisa ewodini. Ngeshwa wagcina ehambile emhlabeni.

Lezi ezinye zezimanga ezivele ngesikhathi kuklonyeliswa abasebenzi boMnyango wezeMpilo abavelele nabasebenze ngokuzikhandla.

Lomcimbi, osusonyakeni wesithathu, kuthuthazwa kubongwe ngawo abasebenzi boMnyango ngamagalelo abo.

Bekumnandi kudelile eDurban Expo lapho ububanjelwe khona njengoba izethameli bezigqoke ziconsa, futhi kunandisa nabbukhoma abaculi be-gospel abangaconsi phansi kwezikaqedisizungu.

Phakathi kwababuthe izindebe, kubalwa abesifunda saseMzinyathi njengoba beqwaqwade zonke izifunda kuzwelonke ekwethulweni kohlelo lokuthuthukisa ezeMpilo, i-National Health Insurance.

Phakathi kwalabo abathole imiklomelo ngaphansi kwesigaba sama-Long Service Awards, asebesebenze iminyaka ewu-45 naphezulu bengakaze bayeke, kubalwa oMnz M Ngcobo (Fort Napier), Nks P Govendor (Inkosi Albert Luthuli), Mnz S Thusi (King Dinuzulu), Nks R Nair (King Edward) no Nks L M Abrahams (Wentworth).

Abaklomele kuma-Special Awards yilaba: Umama seSizwe, uNks Tobeka Madiba-Zuma (oyithole engekho) ngoba edlale indima ekuholeni izinhlelo zezempilo nokukhankasela ukuthuthukisa ezempilo kwabesifazane kulesi sifundazwe, ezweni lonke naphesheya; UDkt S'thembile Ngidi, oqophe umlando ngokuba yi-oncologist yokuqala engumuntu omnyama owesifazane eKwaZulu-Natal nowesibili kwizwelonke; Isibhedlela saseBethesda ngokuqhubeka ukusiza umphakathi ngesikhathi kunesiteleka ngomhlaka 3-5 November 2015 eMkhanyakude District; Owayedla izidakamizwa waphenduka, wavula isikhungu sabantu abadla izidakamizwa eNanda, enyakatho neTheku, uMnz Khayelihle Gumbi. Lesikhungu sesinakekela intsha ewu-30 eyayihlala emgqwaqeni; UDkt Imtiaz Suleman, umsunguli wenhlangano ezimele i-Gift of the Givers Foundation, ohambe nendondo yekhethelo ngokwenza kahle nokuzinikela kwakhe kwi-humanitarian aid, trauma relief ne-medical support emhlabeni; I-KwaZulu-Natal's College of Health Sciences ngeqhaza layo ekufundiseni kwesayensi yezempilo, kakhulukazi okuhlangene nabantu abasemakhaya; I-South African National Blood Service ngokusiza isifundazwe ngokunikelwa ngegazi; UDkt P Naicker neqembu lakhe laseNewcastle ngokubelethisa owesifazane ngempumelelo, ekade ekhulelwe ngokungejwayelekile ngokuthi ingane kade ihleli ngabandle kwesibeletho; Iqembu lasesibhedlela iBenedictine, eliholwe uDkt S R Sithole, 'ngesimanga' sokubelethisa kahle amawele amane.

Unina ubengazi ukuthi ukhulelwe abantwana abane ngenxa yokungavakasheli isibhedlela; Izifunda ezahlukene nazo zithole izimendlela zegolide, isiliva nezethusi ngokwezigaba ezahlukene ngokusebenza kwazo ngokuzikhandla.

Ungqongqoshe wezeMpilo eKwaZulu-Natal, uDkt Dhlomo, uhalalise bonke abathole izindebe, wathi uthemba ukuthi izenzo zabo zizogqugquzela bonke abasebenzi ukuthi nabo benze kangcono.

# BAZOTHOLA AMATAYITELA ABAHLALA EMHLABENI ONGAPHANSI KWENGONYAMA TRUST

Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi azephucwa amalungelo, okuhlinzekwa ngezinsiza zikaHulumeni, okuhlinzekwa ngezinsiza zasemabhange kanye nawokuvota.

**SIPHAMANDLA MBEWA**

ISilo samabandla onke uGoodwill Zwelithini simemezele ukuthi zonke izakhamizi zaKwaZulu-Natali ezihlala ngaphansi komhlaba onganyelwe iNgonyama Trust sezizokwazi ukuthola amatayitela ngesikhathi sithula inkulumo yaso kuvulwa indlu yobuholi bomdabu esiFundazweni oLundi. Ingonyama Trust isikwama esabunjwa ngonyaka ka – 1994 ukwengamela wonke umhlaba owawukade uphethwe nguhulumeni waKwaZulu. Umhlaba onganyelwe yisikhwama lesi ungamaphesenti angamashumi ayisithupha (60%) kumhlaba okhona esiFundazweni. Kulomcimbi wokuvulwa kwendlu yobuholi bomdabu iMbube ibiphelezelwa nguNdunankulu wesiFundazwe uWillies Mchunu kanye noNgqongqoshe womnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neZindaba Zomdabu esiFundazweni uNomusa Dube-Ncube, okuyibo abengamela umcimbi ngokwenqubo – mgomo.

Enkulumweni yaso Isilo simemezele ukuthi kuzoqala uhlelo lokunikeza izikhamizi zesiFundazwe ezihlala kumhlaba ongenyelwe i-Trust amatayitela azoqinisekisa ukuthi umhlaba sekungowazo ngokusemthethweni.

"Loluhlelo luzobe luthinta umhlaba oseteshenziselwa ukuhlala kuphela, kanti futhi luhambisana nomthethosisekelo wezwe kanti futhi luzohanjiswa ngendlela umthetho ofuna ngayo," kusho ISilo ISilo saphinde sayala amakhosi ukuthi asebenzisane nezikhungo zikaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi abantu abahlala emaphandleni, banikezwa amakheli okuhlala.

"Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi azephucwa amalungelo, okuhlinzekwa ngezinsiza zikaHulumeni, okuhlinzekwa ngezinsiza zasemabhange kanye nawokuvota," kusho ISilo.

ISilo saphinde sezwakalisa ukukhathazeka kwaso ngenqwaba yemibhikisho enodlame ezidlange ezindaweni ezithize esiFundazweni.

"Imiphakathi kufanele iqinisekise ukuthi impahla ezimele kanye nekaHulumeni ayibhubhiswa uma kunemibhikisho ngoba ingeyabo. Amasonto, amabhilidi kaHulumeni, imigwaqo, amahholo kanye nezikole izakhiwo ezibaluleke kakhulu ezibumba ziphinde zakhe imiphakathi yethu.

Udlame alukaze lube yisisombululo uma kukhona ukungezwani noma ingxabano," kusho Isilo. UNdunankulu enkulumweni yakhe, ubonge ISilo ngeqhaza laso lobuholi njengoba isiFundazwe sibhekene nezingqinamba eziningi, esingabala kuzo isomiso.

Isomiso sishaye kwezwela emnothweni wesiFundazwe, njengoba imikhakha engaphansi kwezolimo njengekamoba ekhinyabezeke kakhulu okhiqizweni. UNdunankulu futhi ukugcizelele ukuzibophezela kukaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ekusebenzisaneni namakhosi esiFundazweni njengoba uqhubeka nokulwela ukwakha imiphakathi engcono.

# Ukufakelwa ugesi kulethe ukulingana kwaMhlabuyalingana

**VERNON MCHUNU**

Izakhamizi zaKwaMhlabuyalingana, endaweni yaseMboza, seziyingxenye yemiphakathi eminingi esifundazweni saKwaZulu-Natali esiphila impilo engenabo ubunzima nenamathuba amaningi empilo

Lokhu kulandela ukuthi lomphakathi usufakelwe ugesi wethulelwa imisebenzi yomphakathi ezohlomulisa abangasebenzi, kwaphinda futhi kwaphiwa ogogo impahla yokusebenzisa ugesi ezindlini.

Konke lokhu kwenzeke ngaphansi kohlelo olumbaxambili olwethulwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ngesikhathi ezokhanyisa ugesi wethula namathuba emisebenzi.

"Nathi sesizishaya isifuba ngempela manje ukuthi siyingxenye yeNingizimu Afrika esikhululekile ngoba phela ukufakelwa kwethu ugesi kusho ukuthi impilo yethu isizoba lula futhi mina nje ngokwami sengicabanga ukuba sihlanganise amakhanda siwumndeni nezihlobo sisungule isitodlwana nje sithengise lokhuya nalokhuya okudingwa wuphakathi. Phela sekuzoba lula ukuba



sikwenze lokhu ngoba sesizokwazi ukuthi sibe namafriji esizogcina kuwona amaphisisi nonemenaythi esizokudayisa."

Lawa ngamazwi ka Nkk Dudu Mathenjwa, ongesinye sezakhamizi zaseMboza, obezwakalisa ukubonga kakhulu kuhulumeni, esho khona ukuthi isenzo salohulumeni, nakuba intuthuko ingafiki kanye kanye kuzona zonke izingxenye zesifundazwe, kepha siyakhombisa ukuthi unguhulumeni obakhathalele abantu.

"Yini nje ebibangela ukuthi ngaphambi kokuba kube ngu 1994 ugesi ubungafakwa kulendawo yakithi kanye nakwezinye okuyime sizwa manje ukuthi nabo sebenogesi manje, izindawo ezifana nale eNhlazatshe oLundi lapho khona kuzinze ezinye izihlobo zakithi, kanye nakwezinye izindawo. Tshela mina? Angithi ohulumeni bakudala bebengenandaba nathi thina bantu basemakhaya," kusho uNkk Mathenjwa, obebonakala nje kuthi ugajwe yintokozo.

Umhlonishwa uDube-Ncube ube esethula uhlelo uhulumeni asiza ngalo abangasebenzi ngamathuba omsebenzi, nokuwuhlelo olubizwa nge Community Works Programme noluqhubekayo nokusabalala isifundazwe sonke ukuze labo abangakwazi ukuqasheka ezimbonini bakwazi ukuthola amathuba kuloluhlelo.

Ungqongqoshe ube esesebenzisa umcimbi ukwexwayisa umphakathi ukuba uzikhiphe inyumbazane "izimpisi ezigqoke isikhumba semvu" nesezithanda ukwanda emiphakathini eyahlukene, lapho khona zivukuza umphakathi ukuba ubhikishe bese ulimaza impahla yomphakathi, ngaphansi kwehawu lokuthi kulwelwa amalungelo kanti kunedlanzana nje elizifunela izikhundla.

"Uma siwumphakathi sithula sibe sibazi abantu abenza lokhu, asisoze saqhubekela phambili. Ngithi-ke asibaveze obala baboshwe ngoba ngempela akufanele bahlale emiphakathini yethu," kusho yena.

Ube eseveza nokuthi usuphasisiwe umthetho obizwa ngokuthi yi-Criminal Matters Amendment Act, esho khona ukuthi ngaphansi kwalomthetho ozotholakala enecala lokweba izintambo zikagesi angazithola ebhadla ejele iminyaka engu 30 yonke.

"Sithi izigebengu asizixwayise kusekuhle nje ngoba ngampela lokhu kukhinyabeza umnotho wezwe, izwe liyolahlekelwa yizigidigidi zamarandi ngonyaka ngenxa nje yaloluvuvatha lokucekela phansi impahla yesizwe, bese thina esilungile siyathula singabampimpi abenzi bokubi." Omasipala abasanda kufakelwa ugesi wumnyango u-cogta kulonyaka:

- Ndwedwe
- Mpofana
- Abaqulusi
- Ulundi
- Umhlabuyalingana




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON VISION 2030

KZN Provincial Communications_2016

# "UKWALULEKA ABAFUNDI MAQONDANA NEMIKHAKHA YEMISEBENZI ENGAFUNDELWA" KUBENZA BAKWAZI UKUTHATHA IZINQUMO EZIPHUSILE

Lolu hlelo lokwaluleka abafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela vele lungomunye wemisebenzi ebhekelwe uphiko i-HRD futhi impela uphiko luyibambe ngako ukulekelela abafundi

**VUSI SHABALALA**

Ithimba loPhiko olubhekele Ukuthuthukiswa Kwabasebenzi (HRD) emnyangweni elalimelwe nguNkk Thokozani Mkhize kanye noMnu Sabelo Khuzwayo ligasele ezikoleni ezimbili zaseMgungundlovu- Ikusaselihle High School eseWillowfontein kanye nasePhayiphini High School KwaMpumuza. Inhloso yalolu hambo kwabe kungukunanela ikhwelo lokucobelela abafundi abenza amabanga 10, 11 kanye no-12 nonyaka, ngolwazi olumaqondana ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela.

Balinganiselwa ku-1200 abafundi bakulezi zikole zombili ababa yingxenye yalo mbuthano.

UMnu Siyabonga Kweyama, onguthisha, okunguye owahlela lo mbuthano e- Ikusaselihle High School wemukela ithimba lezeMisebenzi yoMphakathi egameni labaphathi besikole.



Lolu hlelo lokwaluleka abafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela vele lungomunye wemisebenzi ebhekelwe uphiko i-HRD futhi impela uphiko luyibambe ngako ukulekelela abafundi ukuba baqoke ukuze bakwazi ukucaba indlela yabo eya empumelelweni ngokwemisebenzi abazoyifundela, kuncike emakhonweni abo abafundi, intshisekelo abanayo kanjalo namathuba akhona; ukulekelela abafundi ukuba bacoshele ulwazi kanye/ noma ukuqeqeshwa ngokwenza umsebenzi kanjalo nokuthuthukisa amakhono adluliselwayo ukuze bagcine beba ngabasebenzi abavelele futhi babe ngabasebenzi abanobuchule; balekelela abafundi ngokuthi babaxhumanise nezikhungo zikahulumeni nezizimele ukuze bathole ulwazi maqondana namathuba omsebenzi akhona futhi bahambisa esebephothule izifundo zabo kanjalo nalabo abafaka izicelo zomsebenzi abafanelekile ezinkampanini bese ekugcineni badonse abafundi ngendlebe ukuba bazinike isikhathi esanele lapho beqoka imikhakha yemisebenzi abangayifundela ukuze bathathe izinqumo eziphusile.

"Inhlosongqangi yalokhu kwalulekwa kwabafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela ukuqinisa nokwakha amaxhama obudlelwano nezikhungo ezahlukahlukene, ezikahulumeni kanye/ noma ezizimele, ekutheni zihlinzeke abafundi ngamathuba afanele kubandakanya ukuqhubezela izifundo zabo" kugcizelela uMnu Kweyama enkulumweni yakhe yokwamukela izethameli.

Kulo mshawushile wezinsuku ezimbili kwakudingidwa lokhu okulandelayo:

- Ukuhlinzeka ulwazi okuyilona noluhambisana nesikhathi samanje maqondana nemisebenzi, izindawo zokusebenza, imikhakha yezifundo kulabo asebeneziqu eziphathelene nezemisebenzi yomphakathi;
- Ukwelekelela abafundi baqonde futhi bathathe izinqumo eziphusile kunoma yimuphi umkhakha wemfundo abawuqokayo;
- Ukuhlinzeka abafundi ngamathuba ukuze baqonde lokho abanamakhono kukona, abakulangazelele nabakuqokayo ngokubheka okwahlukahlukene kubandakanya nokuxoxisana nabeluleki abanolwazi ngokwezemisebenzi;
- Ukugqugquzela ukusebenzisana okuhle phakathi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi kanye noWezemfundo maqondana nezindaba ezithinta ikusasa labafundi kwezemfundo;
- Ukuqhubeka nokubambisana noMnyango Wezemfundo kukona konke okuhlelelwe ukufezekisa injongo yokuhlinzeka izinsiza ngokungakhethi, ngokuthembeka, ngendlela efanele futhi ngokungabandlululi, ngokuhambisana nemigomo kazwelonke yokwenza izinto ngendlela efanelekile kanye nangokweqophelo elilindelekile emsebenzini;
- Ukugqugquzela bonke abafundi ukuba babambe iqhaza ezifundweni zokwelulekwa ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela okuzobalekelela ukuzithathela izinqumo ekutheni bazoxhumana kanjani nanini nethimba lophiko i-HRD lomnyango weMisebenzi yoMphakathi; bese kuthi okokugcina
- Ukuqinisekisa ukuthi lezi zinjongo nezinhlosongqangi ziyafezeka. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi lesi sigaba sokuxhumana nokweluleka abafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela usibeka eqhulwini. Lo mkhankaso wamanje wokusebenzisana nezikole kuhloswe ngawo ukugqugquzela izindlela zokuthuthukisa amakhono ezintsha ngokwemisebenzi kanye nokukhuthaza izinguquko ezifanele. Eminyakeni engamashumi amabili noma ngaphezulu eyedlule kube nenguquko enkulu kuhulumeni, ekuhlelekeni nasohlelweni lokufunda nokufundisa okuye kwagunyaza ukuhlinzekwa koluleko lwemikhakha yezemisebenzi engafundelwa kanye nemfundo. Ngaphezu kwalokhu, inqubomgomo yemfundo eyisisekelo kahulumeni nayo igxile ekugqugquzeleni ukubandakanywa kwalabo abaphothule umatikuletsheni, ukuncishiswa kwenani labashiya isikole kanye nokubhekelela izidingo zentsha esengcupheni yokushiya isikole isencane. Ungavuma ukuthi kulokhu impela intsha ayiyodwa.

Ukuguquka kwezinhlaka zezemfundo nezokuqasha nokuhamba ngolonwabu kwezinhlelo kanjalo nezinguqunguquko ezehlukahlukene kuhulumeni kungumthelela walokhu esifundazweni saKwaZulu-Natali sonkana nangale kwaso.

Nokho-ke, ukusetshenziswa kwale mibono ohlelweni lwezemfundo kugqamise isidingo sokuthuthukiswa kwezinga lemfundo, ukuze kuthuthukiswe izindlela zokweseka intsha efundayo futhi kuhlinzeka ukubambisana okukhulu ekunikezelweni kwezinsiza ezidingekayo. Enye yezindlela zokweseka okubhekiswe kuyo lapha yileyo evela oPhikweni olubhekele Ukuthuthukiswa Kwabasebenzi loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi yokuqinisekisa ukuthi abafundi banikezwa ithuba lokuthatha izinqumo eziphusile ngokuhlinzekwa kwesifundo sokwelulekwa ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela.

Kuyaqapheleka ukuthi kunezinto ezibalulekile eziyizinselelo ezidinga ukubhekisiswa phakathi kwazo kubalwa ukusungulwa nokuhlinzekwa kwesifundo sokwaluleka abafundi ngemikhakha yemisebenzi abangayifundela; ukusungulwa kwezifundo ngokuxhumana nokusebenza ngokubambisana kulolu hlelo nokuthi kuzobonakala kanjani ukusebenza ngempumelelo kwezikole ngokwalolu hlelo.

Uma uhambisana nalokhu, ake silinde sibone ukuthi lo mshikashika uzoyiholelaphi intsha yakithi kanjalo nezwe lethu. Ngakho-ke, simunye kulokhu, ukweseka ingane efundayo ekwenzeni okungcono ukuze sijabule sonke lapho sesibona ikusasa lezwe lethu liqhakaza.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING
ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI
AIDS 2016
KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

# KUHLOMULE IZINGANE ZESIKOLE OHLELWENI LUKA ZWELONKE LOKUTHUTHUKISA EZOMNOTHO E-KZN

MINENHLE MNCWANGO NO ZINHLE GWAMANDA

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni lika zwelonke, uNkosazana Bathabile Dlamini, ukhiphe izitifiketi zemiphilandawonye, waphinde wadlulisa amanyufomu ezikole athungwe imiphilandawonye aphiwe izingane eziqhamuka emindenini entulayo eMlazi.

UNgqongqoshe uDlamini, obephelezelwa uzakwabo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, bakhiphe izitifiketi ezingu-76 ebezinikwa amalunga emiphilandawonye eyi-19 esebenzela eThekwini. Uthe lokhu kwenzelwa ukuba abantu abaqhamuka emiphakathini bahlomule emalini eqhamuka kuHulumeni wabo.

UNgqongqoshe uDlamini uthe: "Okukhiqizwa yilemiphilandawonye kusemgangathweni futhi kuvunywe nayi-SABS, okuyisakhiwo sikazwelonke esibheka ukuthi okukhiqiziwe kusezingeni elifanelekile yini."

Kuphinde kwahalaliselwa amunye wemiphilandawonye ehlomule imali engango-R300 000 kuHulumeni.

Lomphilandawonye usuthunge amanyufomu ayikhulu ezingane zesikole ezihlwempu eziqhamuka ezikoleni ezinhlanu eziseMlazi. UNgqongqoshe uDlamini uthe: "Lohulumeni wentando yeningi unohlelo lokuthengela abantwana abahlwempu imifaniswano.

Lemifaniswano siyithenga kwimiphilandawonye esiziqeqeshele yona ngaphansi kohlelo lukazwelonke olumbandakanya izikhungo zokuqeqesha ezaziwa ngama-TVET njengoba kulesi siFundazwe sisebenza neCoastal TVET College engaphansi koMnyango weMfundo ePhakeme. "Lolu hlelo lokuthuthukisa imiphilandawonye yabantu lusingethwe uMnyango wezoMnotho, ngokubambisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi," kusho uNngqongqoshe uDlamini. IMenenja ebhekele lolu hlelo lwe Cooperatives Academy ye-Coastal TVET College, uMnumzane Paul Kweyama, utshele iSimama KZN ukuthi iKwaZulu-Natali isihlomulile kulolu hlelo lokuthuthukisa imifelandawonye njengoba selukhona eziFundeni ezahlukahlukene kulesi siFundazwe. Uthe imiphilandawonye ithola ukuqeqeshwa okuqhubekayo ibe yenza imisebenzi yayo.

Amalunga emiphilandawonye athola ukuqeqeshwa ezifundweni eziyisikhombisa ezihlanganisa ezezimali (finance), ezokugcinwa kwamabhuku (book-keeping), ezokudayisa umkhiqizo (marketing), nezokulawula ibhizinisi (business management), kanye nezokuphatha (governance).

ONgqongqoshe baphinde banikezela ngezikhwama kumalunga enhlangano yabantu abanebala elimhlophe. Kulezi zikhwama bekukhona izigqoko zokusitha ilanga, izibuko zokungaxhoshwa yilanga, kanye nomuthi wokugcoba isikhumba sabo esizwela kakhulu. UNgqongqoshe uDlamini ukugxekile ukubulawa kwabantu abanebala elimhlophe ngoba kukhona abakholelwa ukuthi bawumuthi. Uthe: "Akekho umzali ongazala ingane ngoba izobulawa yenziwe umuthi wokuceba. Bangabantu njengathi sonke. Abaphambene ngomqondo.

Ukuthi nje banebala elimhlophe." Kuphinde kwajatshuliswa abantu abadala ngezipho ezifana nezingubo zokulala, kanye nokudla obekuphiwa imindeni lapho ikati lilele eziko.UNgqongqoshe uDlamini uphinde wanikezela ngemifundaze kulabo asebethathiwe ezikhungweni zemfundo ephakeme ukuyokwenza izifundo zokuba ngosonhlalakahle.

Ebonga egameni leMeya yeTheku, oyiLungu lesiGungu esiPhezulu kuMasipala weTheku, uKhansela Zandile Gumede, utuse umphakathi ngokusebenza ngokubambisana nohulumeni. "Siwumkhandlu weTheku sizibona sibakhulu ngokuthandwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi. Zinhle izindaba ohlezi usiphathele zona.

Bekungeke kuphume ogogo nomkhulu nentsha ngobuningi babo ukuba loMnyango awusinakekeli. Siyabonga kakhulu futhi yithuba elihle leli lokuba nizikhulumele mathupha noNgqongqoshe."



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi (kwesokunxele) nelungu lesiGungu esiPhezulu kuMasipala wetheku, uKhansela Zandile Gumede (owesibili ukusuka kwesokunxele) ngesikhathi benamalunga emiphilandawonye.*

# Kubuyiswa isithunzi kubantu ngokuqedwa kwemijondolo

NKOSINATHI NENE

Kukhale amakhwela kwakikizwa ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuHlaliswa KwaBantu neMisebenzi yoMphakathi, uMnuz uRavigasen Pillay etheleka endaweni yaseThubalethu engaphansi koMasipala waseMthonjaneni kuWadi 1 eMkhandlwini wasoThungulu.

UMnuz uPillay ubephelezelwe yiMeya yoMkhandlu wasoThungulu, uMhlonishwa uNkk uThembeka Mchunu, iphini lakhe uNksz uNonhle Mkhulisi kanye noSihlalo wekomidi loMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu eSishayamthetho sesiFundazwe, uMhlonishwa uMnuz Important Mkhize. Ngaphambi kokuthi bahlangane nomphakathi, uMnuz Pillay kanye nethimba lakhe bavakashele ugogo uReginah Mpanza (76) ohlala kweminye yemjondolo eThubalethu nabazukulu abayisishiyagalombili (8) abaphakathi kweminyaka emine (4) kuya kweyisishiyagalombili (8).

Ugogo uMpanza oziphilisa ngemali yesibonelelo sikaHulumeni aphinde adayise erenki, uthe uphelelwe ngamazwi okubonga uma ebona iphupho lakhe seliseduze ukuthi lifezeke.

Lamagama uwasho emuva kokuthi uNgqongqoshe ethembise ngokuthi umuzi wokuqala ozokwakhiwa kulomklamo wezindlu ezintsha kuzoba ngowakhe. Esekhuluma nomphakathi, uNgqongqoshe uthe kunezindlu ezingu 597 esezakhiwe eThubalethu kusukela ngonyaka ka-1994 kuya ku-2004.

Lezizindlu uthe zazakhiwe ngendlela yokuthi indawo yendle ibesegumbini lokulala. UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ube usuthumela ithimba lochwepheshe ukuthi lizohlola ukuthi ziyahambisana yini nemigomo nemibandela elandelwayo uma umnyango wakha izindlu.

Ngebhadi ithimba lithole ukuthi azihambisani nemigomo nemibandela yoMnyango. "Ngicela ukuqala ngokuthi ngixolise kulaba abakhelwa izindlu ezinendawo yendle emagumbini abo okulala, impela akuyona indlela okwakufanele kwenziwe ngayo," kusho uPillay Uphinde wakhumbuza lomphakathi ukuthi wazifikela yena mathuba ehambisana nowayenguNdunankulu waKwaZulu – Natali, uDkt Zweli Mkhize, wabona ukuthi kufanele njengoHulumeni benze konke okusemandleni ukubuyisela isithunzi sabantu baseThubalethu.

"Ngiyajabula namhlanje ukumemezela ukuthi zonke lezizindlu ezingu 597 zizokhishwa amathoyilethi emagumbini okulala asiwe ngaphandle. Konke lokhu kuzoqala ukwenziwa ngeviki elizayo nokuzobiza izigidi eziyishumi nane (R14 million).

Asizukugcina lapho, sizophinde sakhe izindlu ezintsha ezingama 512. Nakhona umsebenzi wokulungiswa kwengqalasizinda uzoqala kuyo lenyanga nokuzobiza izigidi eziyishumi nesithupha (R16 million). Siyobe sesisebenzisa ezinye izigidi ezingamashumi ayisithupha (R60 million) ukuthi kwakhiwe zona izindlu uqobo," kuphetha uPillay.

UMnuz uPillay ube esethula osonkontileka ababili okuyibona abazoqala ukwenza lomsebenzi, okungu Silo Trading ozolungisa amathoyilethi bese kuba uGroundwork ozolungisa ingqalasizinda ngaphambi kokwakhiwa kwezindlu.

Esephetha, uNgqongqoshe uPillay unxuse umphakathi waseThubalethu ukuthi ubambisane uwodwa kanye nabantu abazokwenza lomsebenzi ukuze wenziwe ngesikhathi esifanele nangendlela eyamukelekile kufezekiswe nephupho likaHulumeni lokubuyisa isithunzi kuzo zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika.




# ZONKE IZAKHAMUZI ZAKWAZULU-NATALI ZIFANELWE UKUPHUPHUMA INJABULO

Besihlala singalali, sibambene, kuze kube imvula iyaphela. Manje sesilala ngokuthula endlini entsha ceke esiyakhelwe nguMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali.

**SANDILE SIBIYA**

Enkulumweni yakhe yesabelomali, yangomhla zi-3 kuNhlaba wezi-2016, uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kuZwelonke, uNk. L.N. Sisulu wethule umbiko wokufezekiswa kokuthunyelwa kwezidingongqangi zomphakathi okumele zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika zizigqaje ngawo.

Umemezele ukuthi kusukela ngowe-1994 sekuhlonyulwe kakhulu njengalokhu sekwakhiwe izindlu eziyi-4.3 million kubandakanya nemixhaso.

Lokhu kuhlomulise abantu abangaphezu kwezigidi ezingamashumi amabili.

Impela lokhu kuyingqophamlando emhlabeni jikelele! Umphumela walokhu uyazibonakalela futhi impela kukhombisa ngokusobala ukuzibophezela ngokuphelele kukahulumeni ekubuyiseni isithunzi nokuziqhenya kwezakhamuzi zawo.

Izakhamuzi ezisalinde ukuthola indawo yokufihla ikhanda sezingahlalela ethembeni ngokuba uhulumeni akazikhohliwe futhi umatasatasa ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu bathola izindlu, ukuvikeleka kanye nokunethezeka. Impela, bonke abantu baseNingizimu Afrika kumele bazigqaje! Kanti-ke, zonke izakhamuzi zaKwaZulu-Natali zona zifanelwe ukuphuphuma injabulo!

UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali, oholwa nguNgqongqoshe u-Ravi Pillay, awuzibekile phansi maqondana nombhidlango kahulumeni wokulwisana nobubha kanye nokungabibikho kwezindawo zokuhlala.

Empeleni, lo Mnyango uyisibonelo sokufanele kwenziwe futhi usufezekise okungaphezu kokulindelekile izikhathi zilandelana.

Lokhu akuveli kuphela ngenxa yokuthi unqobe umklomelo i-Govan Mbeki Award for Best Performing Province iminyaka ize ibe mibili ilandelana, kepha kungenxa yezimpilo zabantu abaningi osuziphuculile. Ukunqoba imiklomelo eminingi akusikho kuphela okukhuthaza lo mnyango ukwedlula amazwi abantu abahlomulile kanye nosekushintshe impilo yabo.

Amazwi afana nalawa omhlali wase-Belgrade okumanje usehlala ngokuthokomala nezingane zakhe: "Bengilala obenyoni ngivuke ngivuse izingane zami phakathi kwamabili ngoba ngesabela ukuthi kungase sehlelwe okuthile ngesikhathi sisalele.

Besihlala singalali, sibambene, kuze kube imvula iyaphela. Manje sesilala ngokuthula endlini entsha ceke esiyakhelwe nguMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali".

Lena ngenye yezimpilo eseziphuculwe nguMnyango ngokwemisebenzi eminingi oyenzayo okuhloswe ngayo ukubhekana nokusilela emuva kokunikezelwa kwezindlu kanye nokudala uzinzo ezindaweni ezihlala abantu.

Ngonyaka wezimali wezi-2015/16, uMnyango wakhe izindlu eziyizi -26 552.

Ngaphezu kwalokho, kulungiswe futhi kwavuselelwa izindlu eziyizi- 3 004 ukuze kuphuculwe isimo senhlalo yabantu.

Inguquguquko yeminingilizo yezimpahla zokwakha kanye nokwehla kwamandla nezinga lemali akubanga nomthelela ongakanani eMnyangweni ekutheni ufezekise umsebenzi ojutshelwe ukuba uwenze.

UMnyango kaZwelonke uye wakubona lokhu wabe sewengeza u-R308 million.

IKwaZulu-Natali igixabezwe ngalesi samba ngenxa yokuthi yenza umsebenzi ovelele! Impela, izithelo ziyabonakala.

Nakhu okwenzeka KwaZulu-Natali nsuku zonke kusukela mhla lulu-1 kuMbasa wezi-2015 kuya mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016: UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali ngosuku wakha izindlu ezingama-73; Imindeni eyi-117 ihlomulile ngokwezinqubomgomo nangokwezinhlelo zoMnyango;

Kudaleke amathuba ezezindlu amasha angama-84; Imindeni engama-29 ehlala emijondolo ihlomule kokukodwa noma ngaphezulu kulezi zidingongqangi: ugesi, amanzi kanye nezindlu zangasese; Kunikezelwe amatayitela ayisi-6 kubanikazi bezindlu; Kwalungiswa izindlu eziyi-10; kanti abesifazane kanye nentsha abayi-14 bahlomule ngaphansi koHlelo Lwezokusatshalaliswa Kwemisebenzi Yomphakathi loMnyango (EPWP).

Uma uyisakhamuzi saKwaZulu-Natali kumele uzigqaje ngokuthi usuku nosuku siphikelele ekutheni sibe ngumphakathi osebenza lapho uhlala khona nongancgebeleka endaweni ebuswa ngokwentando yabantu.

Usuku nosuku siphikelele ekutheni sifezekise iphupho lesakhamuzi nesakhamuzi esifisa ukuba nendawo yokufihla ikhanda ephephile.


agriculture, forestry & fisheries
Department: Agriculture, Forestry and Fisheries
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

agriculture & rural development
Department: Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**FEMALE ENTREPRENEUR AWARDS 2016**

Sihlomisa abesifazane ukuze bathole inkululeko yezomnotho ngezolimo, amahlathi kanye nezinhlanzi

UMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Themba Mthembu, wazisa bonke abesifazane abasemikhakheni yezolimo ehlukene ukuthi isikhathi sokungenela umncintiswano wokukhetha abesifazane abavelele emabhizinisini ezolimo owaziwa nge Female Entrepreneur Awards (FEA) 2016 sesifikile.

Amafomu okungenela lo mncintiswano ezingeni lesiFundazwe aseyatholakala kuwo wonke amahhovisi omNyango eziFunda nawasekhaya, ezinhlanganweni zezolimo kanye naku: **www.kzndard.gov.za**. Usuku lokugcina lokufakwa kwezicelo zokungenela lungo mhlaka **22 June 2016**. Izicelo ezifika emuva kwesikhathi ngeke zemukelwe.

| PROVINCIAL | PRIZE |
|---|---|
| **Categories** | |
| **Best Female Worker in the Sector**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R50 000 |
| **Best Subsistence Producer: (winner and runner-up)**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R75 000<br>R25 000 |
| **Top Entrepreneur Smallholder: (winner and runner-up)**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R125 000<br>R32 000 |
| **Top Entrepreneur Processing: (winner and runner-up)**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R125 000<br>R32 000 |
| **Top Entrepreneur Commercial: (winner and runner-up)**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R125 000<br>R32 000 |
| **Top Entrepreneur: Export Markets: (winner and runner-up)**<br>Agriculture, Forestry and Fisheries | R125 000<br>R32 000 |
| **MECs Special Award:**<br>• Young Female and/or Female with Disability | R50 000 |
| **Overall Winner** | R250 000 |

TOTAL